# IHLUZO LENDODA ECABANGAYO

Ngiyabonga, Mfowethu Mann! . . . ? . . . "Konke kungenzeka, kholwa kuphela." Asikhuleke.

O Nkulunkulu, qiniso siyilokho isifiso senhliziyo yethu kulobubusuku, ukukholwa kuphela nje. Njengoba sibuthene lapha kulobubusuku eTabernakele, ilanga lishona entshonalanga, siyakhuleka, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi Uzosivumela siqonde ukuthi kusondele kangakanani ukuthi ilanga liyashona futhi phezu kwesikhathi; sesiyaphela. Imini isiyadlula. Futhi siyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi imini isidlulile, abahambi ababili baKuncenga ukuba ungene futhi uhlale nabo. Khona-ke WaZazisa kubo ngokuchaza iZwi laKho futhi ubabonisa ukuthi uKristu ufanele ahlupheke ngani, zonke lezizinto kuqala.

2 Ngakho siyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba imini isiyadlula, ukuthi Uzongena ezindlini zethu futhi uhlale nathi, futhi usichazele iZwi, Nkosi, esilibambe ngomusa njengegugu elivela kuWe, njengesipho enhliziyweni yethu. Sengathi singeLeqe neze; sengathi singaLithobela njalo ngazozonke izinhliziyo zethu.

3 SiyaKubonga ngalokho Okwenzele labo abasesibhedlela kulokhukusa, nalokho Okwenzele umfanyana kaMfowethu Capps obelele, esecish'ukufa, futhi manje nangu kwizethameli kulobubusuku. SiKubonga kakhulu, Baba, ngazo zonke lezizinto!

4 Siphe, Nkosi, ukuze sazi ukuthi sifanele siKunike kanjani udumo. Nje si. . . Kungaphezu kokuqonda kwethu ukwazi ukuthi Unikwa kanjani udumo. Kodwa, Nkosi, yemukela izinhliziyo zethu njengezimpawu zokubonga, ukuthi siyaKuthanda. Futhi uma si—sifuna ukwenza lokho okulungileyo, sikhombise ukuthi asenzeni. Sicela eGameni likaJesu. Ameni.

Ningahlala phansi.

5 Ukuhlwa okuhle kulelibandla elikhulu eliminyene kulobubusuku nangaphandle ezweni lonke kothelefoni. Bathi baxhumile futhi kulobubusuku.

Ngiyethemba umkami ulalele. Angikwazanga ukumshayela, ngakho ngizomshayela emva kwalenkonzo.

6 Futhi sinenothi lapha ukuthi kulokhukusa uMfowethu Jackson owakhe ubro- . . . kumbe uyise esesimweni esinje, ukuthi kwenzeke ukwelulama okukhulu kangaka, angahle aye ekhaya kusasa.

7 Umfanyana kaMfowethu Capps, owangibizayo ngobunye ubusuku, angazi noma uMfowethu Capps ukhona yini kwizethameli noma qha, kodwa, futhi umfanyana wakhe wayegula kakhulu.

Futhi kwavele kwenzeka nje ukuthi uJoseph nami ngangisezansi endaweni yokudubulela, ngilungiselela isibhamu sami esincane ithwenti-thu. Nginitshelile nonke ngakho ngeviki eledlule. Futhi yena uzoba ngumdubuli ngempela. Futhi ngakho wayefuna ukuqiniseka futhi atshele uGary noLarry ukuthi wenzani. Futhi wangitshela, ebuya . . . Ngathi, "Ubufanele ume ungene futhi—futhi utshele uMfowethu Gene Norman ngakho."

Wathi, "Mana utshele uBilly kuqala," umfowabo.

Emva kokuba esemtshengisile ukuthi wayedubule kahle kanjani, wathi, "Manje ungasondeli ezinyaweni zami." Niyabo?

8 Futhi sathi nje singafika lapho, ngani, ucingo lwakhala, noBilly wagijima wangena ukuyobuza . . . Ngathi, "Kungahle kube wucingo logulayo manje." Futhi savele sangena, futhi kwakunguMfowethu Capps. Futhi umfanyana wayenokushisa komhlwehlwe, futhi sekusele nje ithunzana lethuba lokuba aphile. Futhi iNkosi imphulukisile. Futhi ngobunye ubusuku wathi uphethwe ngolunye uhlobo lwezinhlungu, uNkk. Woods ubengitshela. Futhi besisuka ngokujaha, futhi nje ngi . . . Ngathi, "Nkk. Woods, sesedlule isikhathi manje, ngeleshumi nqo, ngiyangabaza ukuthi bangangivumela ngingene le esibhedlela lapho." Ngathi, "Ngizokhuphuka ngiye ekhaya ngivele nje ngivale emnyango." Futhi ngakhuphuka ngase ngikhuleka. Futhi bathi umfanyana usezethamelini kulobubusuku. Ngakho siyabonga kakhulu ngalokho. Futhi siyathokoza.

9 Manje sibambelele; asikezwa namanje. Uma uMfowethu Leo Mercier noDadewethu Mercier elalele, asikezwa namanje ngoyihlo. Sethemba ukuzwa esikhashaneni, ukuthi uphila kanjani. Kodwa ngicishe ngiqiniseke ukuthi uzobangcono, ngakho sethemba lokho kuNkulunkulu uSomandla, ukuthi uNkulunkulu uzoyinakelela leyo ethandekayo, indoda endala engcwelisiwe, umfundisi ongumakade ebona omdala weVangeli.

10 Manje, o, kuningi kakhulu okusadinga ukwenziwa, futhi isikhathi esincane kangaka sokukwenza, ngakho nje asibeke yonke imizamo yethu manje kulokho esingakwenzela iNkosi yethu.

11 Ngehla ngaphambidlana kwesikhathi. Futhi ngi—bengingazizwa ngikahle hle. Ngikhathalile, ngikhathele ngempela nje, futhi ngicambalalile kulentambama. Zange . . . Angikalidli ngisho idina namanje. Ngakho ngi—ngingenile, futhi ngavele nje ngacambalala yonke intambama. Ngizizwe ngikabi, kanjalo ngilele lapho. Ngase-ke ngikhuleka lapho, futhi ngazizwa sengingcono. Ngase ngivuka, ngagqoka izingubo zami, ngase ngiza enkonzweni.

12 Ngakho se—sethembele eNkosini uJesu manje ukuthi Izobusisa imizamo yethu sindawonye kulobubusuku, njengasesizweni sonke sizama ukujoyina lengxenye yoMzimba kaKristu, enginikezwe ilungelo lokupha izimvu zaKhe. Futhi bengingenza kuphela konke okusemandleni ngokwazi kwami, ngokukhipha uKudla okufanele engikwaziyo kwezimvu.

Futhi ngokushisekela ngilindele ihora lapho khona sonke esingahlangana ndawonye endaweni eyodwa futhi sishumayele ngalezoziNhlupho eziyisiKhombisa, neZitsha eziyisiKhombisa, namaCilongo, njalonjalo. Konke kwenzeka kube yisixuku. Yingalesosizathu kuyosithatha cishe iviki, izinsuku eziyishumi noma ngaphezulu, ukukuqeda emhlanganweni owodwa zwi, uma singaphumelela. Ngicabanga ukuthi kwenele kakhulu.

13 Manje, abaningi benu bahamba ibanga elide. Ngibuka phandle lapha, futhi ngavele ngaqaphela, esikhashaneni esedlule, abafo eTucson. UNkk. Sothmann, ngiyambona uMfowethu Fred ufike kahle. Ngimbone kwizethameli kulokhukusa. Futhi lapho ngicabanga ukuthi lowo nguMfowethu Don Ruddell ohlezi lapho ngakuye lapho, kulobubusuku. Ngiyajabula ukubona uMfowethu Don ekhona. NoJunior, ngabe uJunior ukhona, noma usebandleni lakhe na? Ngiqagele basezingcingweni ebandleni kulobubusuku.

Ngakho, nonke bazalwane, siyajabula kakhulu ukuthi nikhona kanye nathi kulobubusuku, futhi sethembele eNkosini ukuthi ngelinye ilanga thina, lapho usuku lwempilo seluphelile nokukhanya kwethu okuncane kwempilo yethu efayo kuqala ukufiphala futhi kuphuma, asiyukwesaba okubi, ngokuba phansi kusukela e—e . . .

14 Ngisanda kunitholela umbiko, enhla e—enhla kwi . . . eArizona, enhla ePrescott. UMfowethu Coggins usekhishiwe esibhedlela. Ngakho siyabonga kakhulu ngalokho. Kuhle. Lokho kuhle. Ngakho sithokoza kakhulu ngalokho. Dadewethu Mercier, uyihlo useyelulama manje. Ngizwile nje, emva kokuba sesikhulekile, ukuthi ubezokwelulama. Ngakho bangahle ukuba balalele; ngethemba ukuthi balalele; ngicabanga ukuthi balalele. Ngakho siyathokoza kakhulu ngalokho, ukuthi umfowethu u—useyaphila manje, futhi uzokwelulama. Ngakho sibonga iNkosi ngazo zonke lezizinto.

15 Bekunesicelo izolo ebusuku; umfowethu othandekayo lapha, ngiqagele kungenzeka ukuthi akanathi kulobubusuku. Umfowethu ovela ezansi eKentucky, wangibiza mayelana nendodakazi yakhe. Umndeni othandekayo, futhi i—intombazane izohlinzwa, umama osemncane enomdlavuza eqolo. Ngakho si—siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzomkhulula lona wesifazane osemncane. Ngikholwa ukuthi Uzokwenza, uma sizovele nje si . . .

Inhlangano, sonke kanyekanye, siyahlanganyela phakathi futhi sikhulekele lababantu, sonke kanyekanye. Yilokho okufanele sikwenze, njengobunye. Njenge . . .

16 Futhi njengoba izinsuku zilokhu zikhula zisondela zisondela, nokuncipha kwendlela, si—sifuna ukuhamba ngokusondelana ndawonye. Wo, sifanele nje sibe-munye, umzimba owodwa. Sifanele sihambisane, sikhohlwa yizono zomunye nemehluko yethu, nje sinamathelane ngokusondelana ngokusondelana ngokusondelana, njengoba sibona loloSuku lusondela. Sizihlanganisa ndawonye, sonke nganhliziyo-nye nenhliziyo eyodwa. Futhi uma umfowethu, udadewethu ephuma endleleni, noma ngayiphi indlela, ningenzi lutho kodwa nimkhulekele lowomuntu, futhi ngothando, njalo ninakana. Ninga—ningamyeki neze omunye wenu aphume endleleni. Hlalani ndawonye. Futhi, uma ningaphumelela, nengeze okuningi kukho, njalo njalo, ngaso sonke isikhathi.

17 Mfowethu Neville, ngisitholile isicelo sakho lapha esimayelana noMfowethu Wright, uMfowethu George Wright ohlezi lapha. Siyajabula uMfowethu Wright noDadewethu Wright bakhona. UEdith omncane, ngi . . . Ngelinye ilanga uma sifika, sifuna ukuba nenkonzo encane yesikhumbuzo lapha.

Angimbuyelanga uEdith futhi ngenkathi ehamba. Kodwa, Dadewethu Wright, uyalikhumbula iphupho abanalo eminyakeni ethi ayicishe ibe-mbili eyedlula. Futhi ngakutshela ngalesosikhathi, ngathi, "Kungukuthi, uEdith omncane ngeke esahlala nathi isikhathi eside kakhulu manje," ngoba iNkosi yayisivele imtshelile ukuthi wayehamba, ngalelophupho ayenalo. Futhi ngayithola incazo yalo, kwakungukuthi, ukuthi wayezohamba ayobonana noNkulunkulu. Cishe eminyakeni emibili kamuva, wahamba wayohlangana noNkulunkulu. Manje ulindele uyise nonina ukuba bawele umugqa ohlukanisayo, phakathi kokufa nokungafi.

18 UNkulunkulu anibusise. Ngifuna ukuzama ukunibona masinya, uma nje ngingahle ngikwazi ukuphumelela. Ngakho uNkulunkulu abe nani noShelby, nawo wonke umuntu. Bengicabanga ukuthi ngibone uShelby kulokhukusa; bengingenasiqiniseko.

Awukwazi ukubona kahle hle phezulu lapha; usilingi uphansi kanje, futhi uveza u—ukukhanya kanjalo. Ungazibona izindawana, kodwa awukwazi ukubona abantu kahle hle.

19 Manje eMlayezweni ngqo. Lona uMlayezo engifuna ukuwufunda kuNumeri 19:9 nabase Efesu 5:26. Futhi uma nina bantu eniwagcina phansi amarekhodi engqikithi, njalonjalo, ngani, ningakubhala phansi.

20 Futhi manje khumbulani, uma lokhu kuqoshwa . . . Angazi. Angiboni-muntu. Yebo, ngiyababona, ngiyambona uMfowethu Terry ngale e—endlwaneni yokurekhodela. Futhi uma lokhu

kuqoshwa; kunoma yibaphi abefundisi kunoma yiyiphi indawo, noma nini, lokhu akuqondisiwe ekujivazeni ukufundisa kwenu, futhi lokhu akuqondisiwe ngisho ezimvini zenu. LoMlayezo, nayo yonke eminye yemiLayezo engikhuluma ngayo, iqondiswe enhlanganweni yami. Awusiwo owenhlangano yenu ngaphandle uma befuna ukuWemukela. Kodwa Uqondiswe kulababantu lapha.

21 Abantu bayawathenga lamateyipu. Abantu emhlabeni wonke bayawathenga futhi bawadlale. Izikhathi eziningi bayabhalela. Futhi ngihlala njalo ngikhomba kuwo, uma belilunga lebandla elinye, "Bonana nomfundisi wakho."

22 Manje, mfundisi, ngifuna ukwazi lokho, ukuthi, lokhu kungokwenhlangano yami kuphela engikhuluma kuyo lezizinto. Futhi nginelungelo lokwenza lokho, ngoba ngibekwe uMoya oNgcwele ukuqapha lezizimvu. Futhi maye kimi uma ngingazitsheli engicabanga ukuthi kuliQiniso, futhi indlela engicabanga ukuthi Lifika ngayo. Kodwa Alisilo elezwe kumbe onke amanye amabandla. Wenza lokho uNkulunkulu akutshela ukuba ukwenze. Ngeke ngakuphendulela, kanjalo nawe ngeke wangiphendulela. Kodwa sifanele ngamunye siziphendulele phambi kukaNkulunkulu, ngenkonzo yethu. Ngakho-ke, uma ngizoziphendulela ngenkonzo yami, ngifanele ngiLishumayele ngendlela engiLibona ngayo, ngendlela Elembulwa ngayo kimi. Ngakho lokho makwaziwe manje.

23 Manje kuNumeri 19:9, sifuna ukufunda letekisi, kumbe lomBhalo, njalo.

> *Umuntu ohlambulukileyo uyakubutha umlotha wesithole*, ayothi *awubekele ngaphandle kwekamu endaweni ehlambulukileyo, ugcinelwe inhlangano*... (bhekisisani manje) *inhlangano yabantwana bakwaIsrayeli ube isahlukaniso samanzi: kungukuhlanjululwa kwesono.*

24 Qaphelani, akusikho kumuntu wonke, "Kwinhlangano yabantwana bakwaIsrayeli; amanzi esahlukaniso."

Manje kwabase Efesu, isahluko 5, futhi siqale ngevesi 22.

> *Bafazi, zihleleni phansi kwamadoda enu, kungathi phansi kweNkosi.*
>
> *Ngokuba indoda iyinhloko yomfazi, njengokuba noKristu uyinhloko yebandla: yena engumsindisi womzimba.*
>
> *Kepha njengokuba ibandla lithobela* kuye *uKristu, kanjalo nabafazi abazihlele phansi kwamadoda abo ezintweni zonke.*
>
> *Madoda, thandani omkenu, njengalokho noKristu ulithandile ibandla, wazinikela ngenxa yalo*;

Manje nakhu engifuna ukukusho manje.

*Ukuba alingcwelise alihlambulule ngesigezo samanzi ngezwi*,

25 Manje, letekisi encane kulobubusuku, uma bengingayibiza ngetekisi. Futhi ngethemba ukuthi abantu lapha, naphandle futhi ekuxhunyweni ngothelefoni, abazukukujivaza lokhu futhi bacabange ukuthi kuqondiswe ngendlela yokungcolisa okungcwele. Nakuba, ukuthatha itekisi enje, kungezwakala sengathi kungcolisa okungcwele. Indaba engiyisebenzisayo yalobubusuku ingukuthi: *IHluzo leNdoda Ecabangayo*. Lokho impela kuzwakala kungubuqaba endabeni, kumfundisi ophikisanayo kakhulu nokubhema, ukuba angathatha itekisi enjalo, *IHluzo leNdoda Ecabangayo*. Kuyafezeka, ukuthi, ngokunye ukusa ngenkathi kade ngiyozingela izingwejeje.

26 Uma nina bantu eningaphandle e—ngaphandle emsakazweni, umoya, kumbe egagasini likathelefoni, beningabona ukubuka kobuso balenhlangano ngenkathi ngimemezela itekisi lami, benizokuhleka. *IHluzo leNdoda Ecabangayo*.

27 Yebo, konke kwenzeka phezulu lapho iziNgelosi zeNkosi zabonakala kimi ngokunye ukusa, nalezozingwejeje kwakhulunywa zavela. Nonke uyakhumbula ngenkathi kwenzeka. Kanti, futhi, esiqongweni nje igquma lapho engangimi khona, yilapho okwaku. . .ngaphambi nje kokushumayela imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, ngiyozingela ngokunye ukusa kungakasi. Nakho kumi. . . Ngacabanga ukuthi ilanga laliphuma, cishe ngelesine nqo ekuseni. Okungajwayelekile; ngakubona lokho kuKhanya, futhi ngaphenduka, futhi nakho kumi izinti zeziBani zeGolide eziyisiKhombisa zimi phezulu lapho esiqongweni segquma, nokungathi uthingo lwenkosikazi kwakwenyuka ngamapayipi futhi kukhwezela.

28 Masinya emva kwalokho, iNkosi uJesu yabonakala kithi. Futhi ngayo leyonkathi ngezwa iPhimbo elathi, "UJehova weTestamente eliDala unguJesu weliSha." Futhi Wayelapho, emva kwesikhashana, wembula emva kwalezozinti zeziBani zeGolide eziyisiKhombisa. Manje-ke qaphelani lokho. Bangaki kolikhumbulayo lelotekisi na? Ngalibhala emva kwe—kwebhokisi la—lamabhosho enganginalo ephaketheni lami. "UJehova weTestamente eliDala unguJesu weliSha." UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lelo kwakuyiqiniso.

29 Ngenkathi nginqamula kuleyondawo lapho Ayebonakale khona kimi kamuvanyana, mayelana nezingwejeje.

30 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngibiza umngane wami olungileyo, uJack Moore, emva kwezinyanga ezimbalwa, ukubuza; ngenkathi ngiqala ukushumayela ngemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, iZambulo 1. Futhi Wayemile, emhlophe-wu; izinwele zaKhe zazinjengoboya bezimvu. Angaba

kanjani, nokho eseneminyaka engamashumi amathathu-nantathu ubudala, futhi abe mhlophe-wu na? Futhi uMfowethu Moore, olunge kabi, ophucukile, umnumzane ohloniphekile ongumKristu, nesifundiswa esikhulu, esinye sezizedlula zonke engizaziyo; futhi wathi, "Mfowethu Branham, lowo kwakunguJesu emva kwesimo saKhe esikhazimulisiweyo. Ubukeka kanjalo manje." Kodwa lokho akushayanga khona kimi. Futhi ngaqhubeka nokukhuleka kwaze kwathi ngelinye ilanga . . .

31 Ngaphambi kokuba ngiqale imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, angisitholanga lesosahluko 1 siqondiswe kahle. Kwakungaba kanjani iNdoda, enamashumi amathathu-nantathu eminyaka ubudala, eyavuka ngomzimba ofanayo abaphostoli abaMqonda ngawo, beMazi ukuthi unjani; futhi Wayengaba kanjani phezulu le, mhlampe emashumini ayisishiyagalombili kumbe amashumi ayisishiyagalolunye eminyaka ubudala, nobukhulu uboya bezimvu obumhlophe bulenga ebusweni baKhe, nentshebe yaKhe imhlophe njengeqhwa na?

32 Ngangifunde eNcwadini ka . . . kaDaniyeli, lapho afika khona ko "Mdala weziNsuku, Ozinwele zakhe zazimhlophe njengoboya bezimvu." Ngase ngikubona lokho, oMdala weziNsuku. Wayeyilowo oMdala weziNsuku, onguye izolo, namuhla, naphakade. Niyabo, kwakuyisifanekiso, ngaleyonkathi.

Kungani kunguboya bezimvu obumhlophe na? Ngase-ke ngi . . . UMoya oNgcwele wawubukeka ukhuluma nami mayelana nesithombe engasibona ngesinye isikhathi, somehluleli wakudala. Ngase-ke ngiya emlandwini; ngahamba ngabuyela emlandwini weBhayibheli nakho konke, ukuba ngithole. Futhi abehluleli abadala, njengompristi omkhulu kwaIsrayeli, wayefanele abe nalezo ezimhlophe, ezimpunga izinwele ezithi azibe mhlophe njengoboya bezimvu nentshebe, ngoba okumhlophe kwakhe kwakukhomba ukuthi wayeligunya elikhulu kunawo onke labehluleli kwaIsrayeli.

Futhi ngisho nanamhlanje, futhi kuye phansi eminyakeni engamakhulu ambalwa edlule, mhlampe iminyaka engamakhulu athi awabe mabili edlule, noma kumbe hhayi kanjalo, kamuva kunalokho. Bonke abehluleli bamaNgisi, akunandaba ukuthi babebancane kanjani kumbe babebadala kangakanani, ngenkathi bengenela ukuyokwehlulela, babegqoka izinwele ezimhlophe zokufakelwa; nokukhombisa ukuthi alikho elinye igunya, kulowombuso, elingaphezu kwezwi labo. Izwi labo lingukugcina kombuso. Abakushoyo, yilokho kuphela.

33 Futhi manje, ngaleyonkathi, ngakubona lokho. Nango Wayemile lapho, nokho eyiNsizwa, kodwa efake izinwele ezimhlophe zokufakelwa. Wayengeligcwele, iGunya elikhulu

kunawo onke. WayeyiZwi. Futhi Unazo, ufake izinwele ezimhlophe zokufakelwa.

34 Kwase-ke, kamuva ngenkathi sesiqedile, futhi i—intshumayelo, ngase ngiphuma ngiya entshonalanga, futhi ngenkathi iziNgelosi zeNkosi zibonakala phandle lapho mayelana neziMpawu eziyisiKhombisa, futhi kwakhuphukela emoyeni (esinaso isithombe sakho lapha, nakuyo yonke indawo ezweni), Nango wayemi lapho, esalokhu efake izinwele ezimhlophe zokufakelwa enalelogunya elikhulu kunawo onke. UyiNhloko yeBandla. UyiNhloko yoMzimba. Akukho okunjengaYe, noma kuphi. "Waveza konke ngaYe. WaZivezela konke, ngaphandle kwaKhe akuvelanga lutho." "Unalo lonke iGunya emaZulwini nomhlaba," futhi konke kungokwaKhe. "Futhi kuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." "ULizwi wayenguNkulunkulu, wenziwa inyama phakathi kwethu." Futhi Waba nguYe Owembula yonke imfihlo yalo lonke icebo lensindiso, bonke abaprofethi nezazi abakhuluma ngalo. Yena yedwa wayeyiLowo owayefake izinwele zokufakelwa negunya elikhulu kunawo onke.

35 Manje, ngangimile, phezulu egqumeni ngokunye ukusa, kwabukeka sengathi kwakukade kukhona izingwejeje ezazikade zinqamula phezulu lapho. Ngase ngiqala ukuhlala phansi. Futhi ngase ngike ngalapho umzuzwana nje, ngenkathi, izihlahla zishaywa yimi, nomfo othize omkhulukazi enohlobo lwesibhamu oludala olunombhobho okabili wento ephuma edabula ezihlahleni lapho, futhi kwathi angife ukwethuka. Ngawelela ngale, ngagwaca phansi; ngangesaba ukunyakaza, ngesaba ukuthi angahle angidubule. Nezihlahla zinyakaza, ngakho ngahla nje ngathula du.

36 Ingwejeje yavuka ngale kwegquma, wase eyidubula ngayo yomibili imibhobho. Futhi wase eyigeja kanjalo, futhi kanjalo ingwejeje yehlela ngale kwegquma. Ngacabanga, "Manje ngizosuka, wonke lowomsindo uyankeneneza. Isibhamu sakhe akasihlohlile."

Ngase ngisuka ngehla egqumeni, nomfo wadubula phambi kwami ngqo. Kwangijikisela *ngapha*. Futhi ngasuka ngeza ngapha, ukuba ngehle ngenye indlela, nesibhamu ithu-thu saqala, nezinhlamvu zintweza phezu kwami. Ngathi, "Maye, ngisendaweni embi kabi."

37 Ngakho ngajika ngase ngehla ngasemfuleni. Ngase ngicabanga, "Ngizokwehlela lapha futhi ngicashe baze baqede, ukuze ngikwazi ukuphuma." Futhi emgwaqeni ezansi, kwenzeka ngadonsa. . . Ukunaka kwami kwangidonsela ukuba ngibuke ngapha ngasohlangothini lwami lwesokudla. Futhi, lapho ngibuka, nanko phansi umshuqulu ongasenalutho kasikilidi lapho omunye wabo wayewuphose phansi, kukho konke

ukugijima kwe. . .ngenkathi izingwejeje zigijima zidabula ezihlahleni.

38 Ngase ngilicosha lelipaki likasikilidi elithize, futhi lalibukeka. . .Angizange ngilicoshe; ngiyaxolisa. Ngalibuka phansi. Angilicoshanga, ngoba angilithandi iphunga lezinto, okokuqala nje. Futhi ngabuka phansi lapho, futhi yi—inkampani ethize kagwayi engibona ukuthi angifanele ukubiza igama labo, kodwa nizokwazi. Yathi kulokho, "Ihluzo lendoda ecabangayo nokunambitha kwendoda ebhemayo."

Ngayibuka leyonto, ngase ngicabanga, "Ihluzo lendoda ecabangayo?" Ngacabanga, "Ukuba indoda ibicabanga ngempela, ibingebheme nhlobo. Kungaba kanjani 'yihluzo lendoda ecabangayo'? Indoda ecabangayo ibingeke yabhema nhlobo." Kulungile.

39 Manje, ngacabanga, "Lokho okudukisa kanje pho!" Manje, leyo izinkampani zikagwayi zifanele ukuba ngezaseMelika. Futhi o, uma siphila ngomthetho wakithi, besiyosebenza ukuba sisizane, uma sinokuzwelana. Futhi kungukuzenzisa okunje pho! Isizathu esenze ngingazange ngilibize igama lenkampani, ngizosho izinto ezithize ezimbi ngabo. Futhi kungukuzenzisa okunje pho noma yimuphi umuntu angaba yikho, ukuba enze imali?

40 Indoda ecabangayo ingeke ize ibheme nhlobo. Kodwa uwuthanda kanjani umphakathi waseMelika; bacabanga ukuthi lokho kuyamangalisa!

41 Manje bukani, ungeke, ungeke. . .Buza noma ubani, ososayense, obafunayo. Ungeke waba nentuthu ngaphandle kokuba netiyela. Uma kukhona ichashazana elilodwa lentuthu eledlulayo, lelo yitiyela. Futhi uma ungatholi-ntuthu, yebo, awutholi-tiyela, futhi awutholi lutho. Udonsela nje uthi oluqinile. Kodwa inqobo nje uma ibakhona intuthu oyitholayo, uhosha umdlavuza, injimbilili.

42 Uma ubunami ngonyaka odlule, kumbe onyakeni ongaphambi kodlule, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, eMbukisweni woMhlaba, ngenkathi uYul Brynner nabobonke ephezulu lapho ekukhombiseni ngokwenza, futhi niyababona bethatha lowosikilidi, bawufake entweni ethize, bese bewudonsa ngale kweqhezu lemabula. Nalowodokotela ethatha uvolo wokumunca, wawusongela ngale kwalapho futhi wathola injimbilili kukho, wase eyibeka emgogodleni wegundwane elimhlophe, wase elifaka ekhejini. Futhi njalo ezinsukwini eziyisikhombisa balikhiphe. Futhi igundwane laligcwele kakhulu umdlavuza alikwazanga ukuhamba, ngenjimbilili ephume kusikilidi owodwa.

43 Wayesethi-ke, "Uyazi, bathi ungayithola ngokwedlula ehluzweni." Wathi, "Ungeke waba nehluzo. . .Noma yiliphi ihluzo ebelingakhipha injimbilili, likhipha intuthu," wathi,

"ngoba ufanele ube nentuthu... ubenetiyela ukwenza intuthu, futhi yitiyela elenza umdlavuza."

44 Wayese-ke ehamba, wayidonsa yedlula emanzini, futhi wathi, "Ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi ubungahle ulihluze ledlule." Wathi, "Ngaso sonke isikhathi, lokho, akunandaba ukuthi ukudonsaphi." Wathi, "Bathi, 'Angiyigwinyi,' bese-ke beyifaka emlonyeni wabo bese beyiphimisa." Wase-ke ethatha lokho wase ekusonga, wase ekufaka ngaphansi kwento ethize lapho, futhi kwakhombisa kwakusalokhu kungumdlavuza. Wenzani na? Uyigwinya yehle ngomphimbo wakho ngqo. Niyabo? Futhi akunandaba ukuthi wenzani, kuseyilokhu kungukufa. Niyabo?

45 Bese-ke ukucabanga ukuthi inkampani ingadukisa umuntu ngokwenele, kumbe bazame ukudukisa abantu bakubo uqobo. Kunjengenqe liphila ngokwawo, uhlobo lwalo uqobo. Ukwenza imali, bethengisa ngokufa e—ezweni, nasezinsizweni. Futhi ziphumele lapho ophondweni lwempi futhi zibafele, bese beyajika bathengise into enjengaleyo, phansi kokuzenzisa kwamanga, "Ihluzo lendoda ecabangayo, kodwa ukunambitha kwendoda ebhemayo." Ubuyofanele ubenentuthu ukuze uthole ukunambitha. Niyabo? "Ukunambitha kwendoda ebhemayo"?

46 Abantu bakuthanda kabi, nokho! Bayawuthola. Manje, kungukuba nje kukudukise kakhulu. Niyabo, ungokadeveli. Abanandaba nempilo yakho. Abanaluzwelo lwakho. Bakuthengisela nje leyonto nje ukukubuka ufa, inqobo nje uma bethola imali.

47 Njengabezombusazwe nempi. Angikholelwa empini. Angikholelwa ekutheni kwake kwafanela ukuba sonke sibe nempi.

Ngikholelwa eMbusweni omkhulu uNkulunkulu awulethayo, impucuzeko enkulu eyokwehliswa ibe ngaphansi kombuso waKhe Uqobo; ayisekubakhona enye impi. Isizwe asiyukuphakamisela ezinye izizwe imikhonto. Bonke bayoba ngukuthula, ukuthula kwaPhakade.

48 Ngakho loluhlobo lwempucuko luletha impi. Futhi ngenkathi sithola impucuko eningi, phansi kwalokhu, siba neningi impi. Omunye ezama ukuba ngophucuzekileyo kakhulu kunomunye, futhi abaningi abaphucukile wenza eziningi izimpi. Niyabo?

49 Futhi bukani uk'thini, phansi kwalempucuko, ukuthi umuntu angakhipha into enjengaleyo. Futhi into kuphela okuyenzayo, kuphela kuyakudukisa ukukwenza uthenge osikilidi abaningi. Ngokuba uma indoda ibhema osikilidi... Futhi ngikholwa ukuthi ungowedimoni, futhi kukhona idimoni eliyinjimbilili endodeni futhi, kumbe kowesifazane. Futhi uma usikilidi owodwa uzokwenelisa lelodimoni eliyinjimbilili lize likushiye wedwa futhi liyeke ukukuhlupha, ngosikilidi

owodwa. Bese-ke uthatha ihluzo, ake nje kudedeleke okukodwa kokuthathu kwaleyontuthu kwedlule lapho ngalesosikhathi, kumbe okukodwa kokuthathu kwaleyonjimbilili kwedlule lapho, khona-ke kuyothatha osikilidi abathathu ukuthatha indawo yalowo owodwa, futhi uyobhema omthathu kowodwa.

50 Niyabo, kuphela ku—kuyisu, inkohliso, isu ukuzama ukuthengisa osikilidi. Bangathengisa omningi ngaleyondlela kunoma bengenza ngokuba nje badedele indoda ibheme ugwayi ngqo epipini layo noma kusikilidi wayo. Manje, niyabo, ungowedimoni.

51 Lapho ngimi lapho ngilibuka, futhi ngicabanga ukuthi kwakudukisa kanjani, umbuzo wafika kimi. Futhi ngagoba, ngalibuka ipaki futhi, futhi nga . . . nje kwaba sengathi kukhona into ethe kimi, "Kodwa isaga silungile, 'ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda ebhemayo.'" Kwafika kimi ukuthi lokho kukhohlisa, futhi, esigabeni semvelo lapho ogwayini, kuyinto efana namabandla anamhlanje, niyabo, inkohliso.

52 Sekufike kwaze kwathi umhlaba wonke usube ngenkulu inkohliso kulokho okuliqiniso ngempela nalokho okuyikho. Niyabo, ngisho nakwezombusazwe, nasendabeni yenhlalakahle, esikoleni, kukho konke, kuba yinkohliso.

53 Umfo osemncane wayengitshela ngeliny'ilanga ukuthi wayesezansi enkanjini yamasosha, nesosha eliselincane lagayiswa yithangwe; amaphaphu alo, isisu salo, kumbe noma ngabe kwakuyini, kwabhoboka. Futhi bakhuphukela esibhedlela; babenodokotela abathathu noma abane bemi lapho emgqeni, futhi wonke umuntu emi emgqeni. Futhi amabili noma amathathu amasosha ephakamise ubhuti wawo, futhi yena esecishe ukungaphefumuli . . . Njalo uma ephefumula, lolobambo lwalumgwaza emaphashini akhe impela, futhi lokho kwakumenza ophele ngaphakathi. Futhi bayiyeka leyonsizwa yama lapho kulowomugqa, le emuva kwingemuva lomugqa, futhi babayeka, abanye balabobafo bengenalutho kodwa ubuhlungu bendlebe kumbe okunye, baqhubeka.

54 Futhi kwathi ngesikhathi esefika enhla lapho, kungena ukhenela othize enomntwanyana owayenokuqubuka, umfanyana wakhe noma intombazane wayenokuqubuka esandleni sakhe. Futhi bawumisa lowomugqa, ukuba bangenise ingane kakhenela, futhi lowomfana ebhobokile, efa. Nakho lapho okhona.

55 O, ukuba lowokhenela wayekade enozwelo lwangempela lomfowabo phandle lapho emgqeni, wayezothi, "Lomfanyana angalinda. Phuthumisani leyondoda enhla lapho, yenzeleni okuthize!"

56 Kodwa yonke indoda ifuna ukukhombisa igunya layo. Manje, awanjalo onke; qha, awanjalo onke. Kodwa maningi

kakhulu anjalo. Maningi kakhulu awo enjalo. Kodwa indoda, into kuphela eyayicabanga ngayo, kwakungumfanyana wayo uqobo owayenokuqubuka esandleni sakhe, futhi engacabangi ngalowomfana-ndini emi lapho ebondeke ngaphansi kwethangwe, lona impela ithangwe futhi mhlawumpe yena lowomfana impela obengasindisa impilo yakhe othize ekhaleni lempi. Niyabo, abami ukuba bacabange; ukuphela ngesingabo.

"Ihluzo lendoda ecabangayo."

57 Ngalibuka, futhi ngacabanga, "Kuyinto efana na—namahlelo anamhlanje, amabandla esinawo." Ngalinye lawo linehluzo lawo; anohlobo lwawo lwehluzo. Avele nje ayekele kungene lokho akufunayo, nokuthi yikuphi okungangeni; lokho akuhluzela ngaphakathi nakuhluzela ngaphandle, ngohlobo lwawo lwehluzo. Avele ayekele okuningi kangaka kwezwe kungene ukwenelisa abangakholwa ophakathi lapho. Ayobangenisa akunandaba ukuthi bayini, uma benemali. Bayobangenisa akunandaba ukuthi bayini, uma bedumile.

Kodwa kukhona into eyodwa ngakho, ungeke wangena eBandleni likaNkulunkulu kanjalo; hhayi ihlelo manje, ngiqonde elangempela, iBandla likaNkulunkulu loqobo.

58 Njengezinkampani zikagwayi zanamhlanje, abantu ongena kulamabandla aseshiwo kumbe amahlelo, anokunambitha, nalokho kunambitha kungukuzuza isithunzi sezwe. Futhi ihlelo ngalinye linehluzo lawo uqobo, futhi ahluzela ngaphandle onke amaKristu eqiniso abengathi "ameni" ngenkathi eshumayela; futhi angenise bonke abaphungule izinwele, oJezibele abapend'ubuso osezweni, inqobo nje uma bedumile. "*US'bani-bani* usonta kwelethu . . . umdlali-mabhayisikobho ophambili, umuntu omkhulu." Yilolohlobo lwehluzo alusebenzisayo. "Ihlelo lethu. *US'bani-bani*, umengameli, kumbe u—kumbe ukhenela, kumbe othize usonta ehlelweni lethu." Niyabona ukuthi hlobo luni lwehluzo alisebenzisayo na? Lelohluzo, kusobala, ngelezwe, abantu bezwe.

59 Abantu, bayazi ukuthi bafunani. Ngakho uma bezokuthola abakufunayo, khona-ke bazofanele babenohlobo oluthize lwehluzo, nokwenele kwezwe kukhuluma kwedlule, ukwenelisa ukunambitha kwabo kwezwe. "Ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda ebhemayo." Ihluzo lezwe lenkolo, nokunambitha kwendoda yezwe.

60 Bafuna ukuba ngabakholwayo. Bacabanga ukuthi bafanele babe ngabakholwayo, ngoba banomphefumulo.

61 Ngenkathi sifika okokuqala kulelizwe, nathola iNdiya likhonza amalanga njalonjalo, ngoba (ngani na?) liyisidalwa esingumuntu. Sibuyela emuva kude emenweni yaseAfrika, sithola abomdabu bekhonza okuthize. Ngani na? Bayizidalwa ezingabantu, futhi bafanele bakhonze.

62 Ngakho isidalwa esingumuntu, akunandaba ukuthi uwe kangakanani, usalokhu azi ukuthi kukhona okuthize ndawo ndawo. Kodwa unokunambitha okunjalo kwezwe, ukuthi angeke alithatha ihluzo elifanele. Unehluzo elenziwe nguye uqobo. Yilowo ngamunye bezenzela uhlobo lwabo lwehluzo.

63 Inkampani kasikilidi ngayinye iqhosha ngowabo, ukuthi yini abangayenza, "Ihluzo langempela! Leli yihluzo eliwedlula onke! Konke phambili kwenyukele!" nakho konke kanjalo. Bathi, "Ukunambitha kuyafika," kumbe okuthize, "kusukela phezulu phambili kwenyukele." O, bakithi. "Phambili kwenyukele"? Yini esekugcineni ngemuva kwalo, kepha na? Ngempela akusiyo indoda ecabangayo kumbe owesifazane ocabangayo. Kodwa yilokho abakushoyo, nje kalula bedukisa abantu.

64 Manje siyathola, okosuku lwethu, ukuthi abantu unokunambitha. Futhi kungani indoda ibheme usikilidi na? Kungukwenelisa ukunambitha. Owesifazane uwubhemela ukwenzani usikilidi na? Ukwenelisa ukunambitha.

65 Bese kuthi—ke uma ibandla licabangile, iqembu labakholwayo, bona, ukungenisa abantu phakathi lapho, bafanele babenohlobo oluthize lwehluzo ukunika abantu ukunambitha abakufunayo. Ngakho uma bengatholi-kunambitha abakufunayo, abawufuni usikilidi. Futhi uma bengenakukuthola ukunambitha abakufunayo enkolweni, abayithathi inkolo. Manje, kucace bha.

66 Abesifazane nezikhindi, izinwele eziphunguliwe, ubuso obupendiwe, begqoke izingubo ezikhanukisayo, bafuna lokho. Bathanda lokho.

67 Njengoba ngikhulumile namhlanje ekuseni e. . .ngeSonto eledlule ekuseni, ngalelosondo liphakathi kwesondo, kumbe lowomphefumulo omncane ngaphakathi kwingaphakathi likamoya. Manje ukuthi umoya ngaphandle, phakathi komphefumulo nomzimba, ungagcotshwa ngokoqobo ngoMoya oNgcwele. Nonke nikuqondile lokho na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

68 Manje ukulandela lokho phakathi nokuqhubeka koMlayezo, *UNkulunkulu WaLeliZwe, AbaGcotshiweyo EziNsukwini zokuGcina*. Lelongaphandle, leyondingilizi emaphakathi. . . Indingilizi yokuqala yi—imizwa yomuntu. Indingilizi yesibili yimizwa kamoya; intando, inkani, isifiso, njalonjalo. Kodwa ingaphakathi ngumphefumulo; lowomphefumulo wamiselwa ngaphambili.

Ngakho, bangawugcoba lomoya ukwenza umzimba wangaphandle uthobele umoya. "Kodwa umphefumulo owonayo, lowomphefumulo uyokufa." Umphefumulo owenqabayo, ngokungakholwa, iZwi likaNkulunkulu, oyingxenye yalo, lowomphefumulo uyoba Phakade. . .ubunjalo, njalonje.

69 Ngiyakholelwa ekufeni kwaPhakade, ngokufanayo njengoba ngikholelwa eZulwini laPhakade, kodwa hhayi isihogo saPhakade. Ayikho into okuthiwa isihogo saPhakade. Kukhona ukufa kwaPhakade kwabantu aba . . . Abaningi babo, abakholwayo, emhlabeni namhlanje, ubelokhu efile njalo.

70 "Owesifazane ozinikela ekutamaseni," ngezinwele zakhe eziphunguliweyo nobuso obupendiweyo, "ufile esekhona." IBhayibheli lasho njalo. Niyabo? Niyabo, angahle abe ngokholwayo, kodwa akazange asindiswe. Unokunyakaza kwangaphandle. Angahle acule ekhwayeni, kumbe angahle asine eMoyeni, angahle akhulume ngezilimi, futhi abenazo zonke izibonakaliso zikaMoya. Kodwa ngaphandle uma lowomphefumulo ngaphakathi uyindodakazi kaNkulunkulu, niyabo, uphelile, akunandaba ukuthi wenzani.

71 UIsrayeli wayengowomoya konke ngokwangaphandle, wonke egcwaliswe ngobuhle bukaNkulunkulu, nokuthi bamhlonipha kanjani uNkulunkulu, njalonjalo, kodwa lokho akusebenzanga. Ingaphakathi labo lalingenakulivuma iZwi qobo lwaLo.

72 Kodwa uma uzalwa ngoMoya kaNkulunkulu, khona-ke une . . . uyindodana kaNkulunkulu, futhi wawulokhu njalo uyindodana kaNkulunkulu, futhi uyolokhu njalo uyindodana kaNkulunkulu. Ayikho indlela yokukwehlukanisa, ngoba yi . . . unokuPhila okuPhakade. Futhi iPhakade alizange liqale; kanjalo alisoze laphela.

73 O, ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi Asinike ukuqonda kwezimfihlakalo ezinkulu kanje pho! Njengoba uPawulu wakhuluma lapha, kuqhubekele phambili phansi kwabaseEfesu, ekhuluma ngendoda nomfazi, futhi wathi, "Le yimfihlakalo," ukuthi abafazi bafanele bayihloniphe kanjani indoda yabo. Ngisho nendawo yesibili, ngikholwa ukuthi yiyo, lonke iBhayibheli, leyonhlonipho eyake yakhulunywa khona. Kwathi, "Abafazi, ebona ukuthi uyayihlonipha indoda yakhe, uhlonipha indoda yakhe." Khona-ke indoda ifanele iphile impilo ngempela phambi komkayo ukuze umkayo ayihloniphe njengendodana kaNkulunkulu. Futhi uma engaluphili lolohlobo lwempilo, awu, manje-ke, kusobala, angemhloniphe, ngoba uyazi ukuthi wenziwe ngani. Kodwa nxa kuyindoda eyindoda ehloniphayo, ehloniphayo nehlanzekile, nomkayo naphambi komndeni wayo, inceku yangempela kaNkulunkulu, bese kuthi abafazi, abantwana, nabo bonke, bafanele bayihloniphe leyonceku kaNkulunkulu, ngenhlonipho.

74 Qaphelani manje. Umfazi, bafuna ukuba nezinwele eziphunguliwe. Bafuna ukugqoka izikhindi, bapende, bazipend'ubuso. Lab'obhikini abancane nezinto aba— abazigqokayo kulezizinsuku, bafuna ukukwenza; kepha nokho

bafuna ukuya enkonzweni. Niyakubona lokho kugcotshwa phezu komoya, hhayi phezu komphefumulo. Niyabo?

75 Wathi, ufuna ukuba ngumKristu aphinde futhi enze lezizinto, futhi nomfundisi uthi kulungile. Bese-ke uma ethi kulungile, "Ungaba lilunga; igama lakho lingaba sencwadini yami yebandla lapha; kulungile," khona-ke umnikeza ihluzo lehlelo lakhe ukwenelisa ukunambitha komfazi wezwe. Uthanda izwe; uthanda ukunambitheka kwalo. Ngakho unehluzo lakhe, kodwa ukude kakhulu ekubeni ngumfazi ocabangayo. Kodwa nakho lapho okhona. Kulapho engithole khona letekisi.

76 Qhabo, akasuye u—umfazi ocabangayo. Ukuba ubecabanga, ubezokwazi ukuthi ibandla alizukumehlulela ngoSuku lokugcina. Ibandla limehlulela manje ngobulunga bakhe, ukwethembeka kwakhe eziyingini asonta kuzo nabohlobo oluphambili. Bayamehlulela manje ngalokho. Kodwa uNkulunkulu uzomehlulela ngoSuku lokugcina. Ngakho akacabangi.

77 Njengendoda ebhemayo nje; iwuthanda usikilidi kakhulu ngangoba kuze kuthi amandla ayo okucabanga asephenduke abandikindiki yinjimbilili. Nezifiso zomfazi sezenze-ndikindiki amandla akhe okucabanga usezoze enze lezizinto embi ebusweni beNkosi, ngoba ufuna ukukwenza; kwenelisa ukunambitha komfazi wezwe. Ngakho uthatha ihluzo lebandla lezwe; wedlulela phakathi kulo, kuhle, akukho okuzokhathaza. Kukhombisa . . .

78 Manje siyabona lapho ukuthi lelo yiQiniso. Nomfundisi uthi, "Kulungile lokho. Asibasoli abafazi ngokwenza lokho. Kulungile." Kunesono esenele kukho; lokho kwedlula ngehluzo lakhe. Kukhombisa ukuthi bedlula ehluzweni lesayense yezenkolo. Futhi banokunambitha kwesayense yezenkolo; futhi babenokunambitha kwesayense yezenkolo. Kodwa ngempela akwedlulelanga phakathi ehluzweni likaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane.

79 Manje, uma kukhona ihluzo lesayense yezenkolo lomcabangi wesayense yezenkolo, futhi kukhona ihluzo lebandla lomcabangi webandla, ihluzo likasikilidi lomcabangi kasikilidi, kufanele kubekhona ihluzo langempela ndawo ndawo lomcabangi wangempela. NoNkulunkulu uneHluzo, nalelo yiZwi laKhe. Liyisahlukanisi, ngoba lingamanzi okwehlukanisa isono. Manje, leyo yindoda ecabangayo kumbe ukunambitha kwendoda engcwele.

80 Futhi uma indoda yedlulela phakathi kuloluhlobo lwehluzo lezwe, i—inokunambitha kwezwe. Futhi njengenkampani kagwayi, ithola amaningi amalunga ebandleni layo ngokuwafuqa edlule kulelihluzo. Uma bethi, "Kunabesifazane abaningi abasontayo kunoma kukhona indoda." Lokho kungaba njalo. Manje, lokho kungahle kube yiqiniso futhi,

uma engahamba futhi azenzele nomayini ayifunayo. Kunjalo. Uzokwenza, uyojoyina noma yini, kodwa wedlule kulelohluzo lebandla. Uma edlulela phakathi eHluzweni likaNkulunkulu, ubeyophuma engohlukile kulokho. Niyabo? Ubengeke akwazi ukwedlula eHluzweni likaNkulunkulu bese ephuma nezinwele eziphunguliwe. Nje ngeke akwenza.

81 Manje lokhu kuzoba o—okubabayo kancane mhlawumpe komunye. Kodwa ngenkathi esuka edlula eHluzweni likaNkulunkulu, futhi Liyasho phakathi lapho ukuba bangagundi izinwele zabo, bese (ini?) egoba idlangala ngakwelinye icala. Uma Lathi kuyisono ukuba owesifazane enze okunjalo, futhi uhlazisekile ngokwenza okunjalo.

"Uma efuna," uthi, "hhayi-ke, uzofanele izinwele zakhe zigundwe."

Wathi, khona-ke, "Ziphuce-ke." Futhi wathi, "Siyazi ukuthi kulihlazo ukuba owesifazane agunde ikhanda." Lathi, "Khona-ke makagubuzele ikhanda lakhe." Nezinwele zakhe ziyisembozo sakhe; hhayi isigqoko, nenekazi. Izinwele zakhe ziyisembozo sakhe, kwasho iBhayibheli. Kunjalo. Kukhombisa ukuthi unguMnaziri eNkosini. Izinwele ezinde, kowesifazane, kuchaza umNaziri eNkosini. Manje, sithola ukuthi lelo yiqiniso.

82 Kodwa siyathola uma indoda ecabangayo, ebizwa kanjalo, ezweni ingabhema futhi ibe isalokhu ikuthola ukunambitha kwayo, ibifanele ibenengqondo ehluze ngokwenele ukuba yazi ukuthi ithola itiyela kugwayi. Kodwa yona kuphela, ekwenzile, ngukuyidayisela omningi, iyenze ithenge abaningi osikilidi.

83 Nehluzo lebandla lithola ubulunga nezinto ezinjalo uma bebavumela bedlule nanoma yini futhi bebe besalokhu bengabebandla, bathola amaningi amalunga. Ukuba-ke besiye emabandleni kulobubusuku ahluzele wonke umuntu ngaphandle ngaphandle kwalabo obengamaKristu azelwe yiZwi angokoqobo. Bekuyobakhona eningi inkonzo engenanqubekela phambili kulobubusuku, liqiniso, ngoba yedlule eHluzweni.

84 Futhi uma nginesifiso esisodwa enhliziyweni yami, futhi ngethemba ukuthi wonke umuntu ongilalele unento efanayo, "Nkulunkulu, ngithathe ungedlulise eHluzweni laKho." Njengoba uDavide athi, "Ngihlole, ungilinge, futhi ubone ukuthi ngabe bukhona yini ububi kimi, bese-ke uyabukhipha, Nkosi." Niyabo? Ngifuna iHluzo likaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi izwe lenzani, ukuthi ibandla linani; ngifuna ukuba yindoda ecabangayo, ukucabanga ukuthi Ngubani engizoma ngakuye ngolunye lwalezizinsuku, mayelana nokwaHlulelwa.

85 Qaphelani, inkampani kagwayi ikwenzela ukuthengisa abaningi osikilidi; ibandla likwenzela ukuthola amaningi amalunga. Owesifazane nezinwele ezimfishane, egqoke izikhindi, ubezobambeka eHluzweni likaNkulunkulu. Ubengeke edlule kuLo, nezinwele ezimfishane, ngoba iBhayibheli lathi

ufanele angakwenzi. Uhlazisa ikhanda lakhe uma ekwenza. Besifanele sikwazi. Kodwa uhamba edlule ngqo ebandleni kahle, bonke abanye babo. Ngiyama ngezinye izikhathi . . .

86 Kungesikho ukujivaza noma ubani; angikhulumi neze ngomuntu siqu sakhe, kodwa yisono ebandleni. Niyangifakazela ngalokho. Angishongo ukuthi, "UNkosazana *S'bani-bani* ungu *kuthi-nokuthi*, kumbe uMnu. *S'bani-bani*, kumbe uMfu. *S'bani-bani* ungu *kuthi-nokuthi*." Qhabo, mnumzane. Ngithi isono yisono. Uma sisemndenini wami, sikimi, sikunoma ubani, kuselokhu kuyisono. Hhayi nje ngomuntu ngamunye, angikhulumi ngokumelana ngabantu ngabanye. Ngikhuluma ngimelane nesono. Angikhathali noma kuyimina kumbe noma ubani, kusukela ekwedluleni eHluzweni likaNkulunkulu, noma yisiphi isono siyokumisa khona lapho.

87 Qaphelani. Kodwa owesifazane ofuna ukuba nezinwele ezimfishane futhi agqoke izikhindi, noma afake upende nanoma yini, angazedlulela phakathi ngqo ehluzweni lePentekoste kalula njengophaya nje, akulutho ngakho, angene ngqo ekufeni. Imbangela, yona i . . . Uthi, "Awu, akulimazi lokho."

"Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, kungoba uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe."

88 Phansi ngokwedlula kulomoya, bese, angadonsela phansi kungene emphefumulweni wakhe, izinto okungesizo ezikaNkulunkulu nezimelene neZwi likaNkulunkulu, uma lokho kungukunambitha emphefumulweni. Kungangena ngokunambitha; *ukubona*, *ukunambitha* . . . Kungangena ngoku *cabanga*, ngoku*zindla*, "Akulimazi. Nginokunambitha. Nginemizwa. Nginomuzwa wokuthi lokhu kulungile." Angehla aqonde ngqo edlule kulokho, futhi kuze kuyongena phakathi emphefumulweni wakhe, uma umphefumulo wakhe ungowalolohlobo. Kukhombisa ukuthi akadonsi ngokwedlula eHluzweni likaNkulunkulu.

Kodwa uma enezinwele eziphunguliwe, ependa ubuso, izikhindi, amabhulukwana, abukeka njengawendoda, onke lamabhulukwe efulanela futhi noma bawabiza kanjani; besho lezonhlobo zezinto, futhi benza lezozinto, futhi bephilela izwe, uzoma; angeke edlule Lapho. Qhabo, mnumzane. Liyommisa ekuqaleni.

89 Qaphelani, indoda imbuka izindebe zakhe ezibukekayo ezibomvu nobuso obupendiweyo, nezikhindi na—namabhikini, futhi nanoma unani; indoda ecabanga ngempela ingeke imbuke. Manje, indoda elilunga lebandla iyombuka, imncome. Kodwa angikhathali ukuthi ubukeka kanjani esweni, indoda ecabangayo iyofulathelisa ikhanda layo. Ngani na? Yedlule eHluzweni likaNkulunkulu, futhi iyazi ukuthi ukumbuka kungukuphinga enhliziyweni yayo. Ayicabangi ukuthi uyabukeka.

Uthi, "Uyinto ebukekayo bo!"

Hhayi kuyo akunjalo. Ubukeka emubi, uJezibele olusizi owokuhawukelwa, endodeni ecabangayo. Indodana kaNkulunkulu imbuka ngamahloni ukuthi ingowomndeni ngisho akuwo. Kunjalo. "Kungabakanjani ngudadewethu lokho futhi kuziphatha kanjalo na?"

90 Niyabo, yadonsa yedlula ehluzweni elilodwa, futhi yedlulela kwelinye. Ingeke icabange ukuthi uyabukeka, lutho nhlobo. Lobo akusibo ubuhle endodeni yangempela kaNkulunkulu.

91 Khumbulani, kanye ngaphambi kokuba iGazi likaJesu Kristu libe yiHluzo, njengoba sizongena kukho emizuzwini embalwa, "Amadodana kaNkulunkulu abuka amadodakazi omuntu, ukuthi mahle, azithathela abafazi." UNkulunkulu akazange akuthethelele. Kwaphinda kwenzeka, ekuhambeni kukaIsrayeli, futhi uNkulunkulu akazange abathethelele, futhi bonke babhubha.

IHluzo lendoda ecabangayo!

Ngiphuma emhlanganweni lapha; kwakukhona uricky omncane emi ngemuva lapha emva kwendlu yokukhonzela ngobunye ubusuku, washo kimi, cishe eminyakeni emithathu noma emine eyedlula, wathi, "Isizathu osho ngaso lokho, usuyikhehla." Wathi, "Ngicabanga ukuthi babukeka bebahle."

Ngathi, "Sengathi ngiyakubona lokho." Ngokubukeka kwakhe nje, ungasho ukuthi wayebukeka kanjani. Ngathi, "Ake ngikutshele okuthize. Uneminyaka emingaki?"

"Cishe amashumi amathathu eminyaka ubudala."

92 Ngathi, "Ngenkathi ngiseneminyaka eyishumi nanhlanu ngimncane kunawe, ngangicabanga into efanayo." Kunjalo. Futhi kusalokhu kukubi!

93 IHluzo lendoda ecabangayo! Manje qaphelani, ukuba ibikade, umqondo wayo uhluzwe wedlula eZwini likaNkulunkulu, iHluzo likaNKulunkulu, ingeke imbuke. Ingeke icabange ukuthi uyabukeka; iyocabanga ukuthi unguJezibele. Iyocabanga, emva kwalezozindebe ezibomvu amazinyo amade acijile anesihlungu angamtinyela. Futhi iBhayibheli lathi, "Amasango akhe angamasango endawo yabafileyo; nendoda ihamba ingene kuwo njengenkabi iya ekuhlatshweni kwayo." Nanto iHluzo lendoda ecabangayo.

94 Ufisani na? Nxa owesifazane eza ehla ngomgwaqo egqoke kanjalo, bese wena ndoda uphendule ikhanda lakho, ujolozele macala onke kanjalo, awusebenzisi iHluzo lendoda ecabangayo. Ngoba, nxa wenza lokho, uyaphinga, ngokuba iHluzo lathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye ." Phendula ikhanda lakho, ndoda ecabangayo. Suka kuye. Akabukeki. Uyinyoka; kunjalo, usonteka njengayo, wenza njengayo, untinyela njengayo. Deda kuye.

95 O, yebo, iZwi likaNkulunkulu liyiHluzo lendoda ecabangayo. Noma ubani uyakwazi lokho. Uhluzwa wedlule lapho-ke umphefumulo wakho, iZwi likaNkulunkulu. Futhi Liyenza, nxa uza ngokwedlula kuNkulunkulu. . . Nxa indoda ecabangayo iza yedlule eHluzweni likaNkulnkulu, liyinika ukunambitha kwendoda engcwele. Kunjalo. Nxa uza wedlule eHluzweni likaNkulunkulu, khona-ke ukunambitha kwakho kungukunambitha kwendoda engcwele. Kwenza ukunambitha kwendoda elungileyo. Isaga ngempela silungile.

96 Manje siyathola ukuthi lokhu kwakwenziwa kanjani emfanekisweni, kuIsrayeli, ngokwenhlangano yakwaIsrayeli kuphela. Yingalesosizathu, ngikhuluma lokhu manje, uma abefundisi bephikisana nanoma yini eshiwoyo; lokhu kungokwenhlangano yami iNkosi engiphe yona u—ukuba ngishumayele kuyo.

97 Qaphelani kuEksodusi 19, ngifuna nikufunde uma seniya ekhaya, nxa seninesikhathi esiningi. Qaphelani, ngenkathi uIsrayeli kade enze isono, kuqala babethatha isithole esibomvu esasingakaze sibekwe ijoka entanyeni yaso. Lokho kuchaza ukuthi sasingakaze siboshelwe nanoma yini.

98 Futhi sasifanele sibebomvu. Umbala obomvu u—ungumbala wokubuyisana. Niyazi, isayense iyazi ukuthi uma uthatha okubomvu futhi ubuke ngokubomvu, kokubomvu, kumhlophe. Buka ngokubomvu, kokubomvu, kumhlophe. Ubuka ngeGazi leNkosi uJesu, nezono zethu ezibomvu ziba-mhlophe njengeqhwa; okubomvu ngokubomvu.

Nesithole sasibulawa ngesikhathi sokuhlwa, yinhlangano yonke yakwaIsrayeli.

Futhi kwakubekwa imisho eyisikhombisa yegazi laso phezu komnyango lapho inhlangano yonke yayingena khona; umfanekiso wemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, ngeGazi.

99 Bese kuthi-ke umzimba waso uthathwe ushiswe. Wawushiswa nenselo, nesikhumba, namathumbu, nobulongwe. Konke kwakushiswa, kanyekanye.

Futhi sasibuthwa ngumuntu ohlanzekileyo, futhi sifanele sibekwe endaweni ehlambulukileyo ngaphandle kwenhlangano. Ngakho-ke, ukuba uIsrayeli kuphela wayengakwazi ukubona umfanekiso! LeliZwi likaNkulunkulu alifanele ukuphathwa yizandla ezingcolile zokungakholwa. Kufanele kube ngumuntu ohlambulukileyo. Futhi uma ehlambulukile, wayefanele afike edlule eHluzweni likaNkulunkulu.

Umuntu ohlambulukileyo, izandla ezihlambulukileyo, futhi sasifanele sigcinwe endaweni ehlambulukileyo; hhayi indawo lapho oJezibele, noRicky, nakho konke kuhlanganyela khona; futhi bathathe isidlo nezinto, lapho behamba bejikajika khona nabafazi, namadoda, nazo zonke izinhlobo zokungcola; beya emidansweni namaphathi, futhi bephungule izinwele,

nezikhindi, nakho konke okunye, futhi bezibiza ngamaKristu. Lifanele ligcinwe endaweni ehlambulukileyo, futhi liphathwe yizandla ezihlambulukileyo.

100 Kwakuthi-ke lapho uIsrayeli ona, futhi babona ukuthi babenze okungafanele, bese-ke befafazwa ngemilotha yalesisithole, phezu kwabo. Futhi leso kwakuyisahlukaniso samanzi, ukuhlanjululwa kwesono.

101 Qaphelani. Nakhu! Futhi nxa uIsrayeli, ngaphambi kokuba beze enhlanganyelweni ekukhonzeni, babefanele kuqala bedlule emanzini esahlukaniso. "Ukulungisiswa ngokukholwa; kuza ngokuzwa, ukuzwa iZwi.

Bese-ke bengena enhlanganweni ngaphansi kwaleyomisho eyisikhombisa, igazi, ukukhombisa ukuthi kukhona okufileyo futhi kwahamba phambi kwabo, ngenxa yesono sabo. Babehlukaniswa ngokuzwa iZwi, amanzi esahlukaniso, bese-ke bengena enhlanganyelweni.

102 Indawo kuphela uNkulunkulu ayehlangana khona nomuntu yayisemva kwalolohlelo. Wayengahlangani naye noma kuyiphi eny'indawo. Wayefanele eze emva kwalolohlelo. UNkulunkulu kuphela wayehlangana noIsrayeli endaweni eyodwa.

Futhi uNkulunkulu uhlangana nawe kuphela namhlanje endaweni eyodwa, futhi lokho kukuJesu Kristu; futhi UyiZwi, amanzi esahlukaniso. Futhi iGazi laKhe lachithelwa yonke imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Kwase kuthi-ke, ngoMoya oNgcwele, singena kuleyonhlanganyelo, enikwe iBandla kuphela. O, Mkhulu kangaka!

103 Futhi, manje, sifuna ukubuka kwabaseEfesu 5:26, kwathi, "Yisigezo samanzi ngeZwi," amanzi esahlukaniso. Lenzani na? Khona-ke, iHluzo likaNkulunkulu liyiZwi. Amanzi esahlukaniso, "isigezo samanzi, esahlukaniso, ngeZwi," iHluzo likaNkulunkulu.

104 Bese, ungeke wangena kuKristu ngokwedlula ehluzweni lebandla. Ungeke weza ngehluzo lehlelo kumbe ihluzo lesivumokholo. Linye kuphela iHluzo, ongangena ngalo kuleyondawo engcwele, lokho kungokwedlula "esigezweni samanzi ngeZwi." IZwi likaNkulunkulu liyiHluzo lendoda ecabangayo.

105 Ibandla lizokwehlulela lapha noma ulilunga elilungileyo, noma qha. Bayokunika umngcwabo omuhle, futhi behlise ifulege uhhafu ekufeni kwakho, bathumele omkhulu umqhele wezimbali futhi—futhi bakwenzele yonk'into. Kodwa uma sekufika phansi emphefumulweni wakho ubhekene noNkulunkulu, kufanele kubenokuPhila okuPhakade. Futhi uma kungukuPhila okuPhakade, kuyingxenye yeZwi. Futhi njengoba amazwi ami uqobo angephike . . .

Isandla sami uqobo singesiphike isandla sami. Amehlo ami uqobo angesiphike isandla sami, kumbe unyawo lwami, kumbe uzwane lwami, kumbe noma yiyiphi ingxenye yami. Kungeke kukuphike.

Kanjalo ingeke indoda eyingxenye yeZwi likaNkulunkulu, kumbe owesifazane, aphike eyodwa ingxenye yeZwi likaNkulunkulu. Bese, sifazane, nxa nicabanga ukuthi ningaba nezinwele eziphunguliwe bese ningena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ninephutha. Niyakubona na? Ninephutha; ningeke nifike nedlule eHluzweni likaNkulunkulu lapho enigezwa khona ngamanzi eZwi. Bese ningena enhlanganyelweni. Nicabanga ukuthi ninjalo, kodwa ningeke nabanjalo nize nifike nedlule eZwini, nawo onke amachashazana, lonke iZwi elincane likaNkulunkulu. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke." Kufanele kufike kwedlule kulokho kuhluzeka, kufika kwedlule. Futhi lokho kunikeza ukunambitha kwendoda elungileyo, ngoba yilokho ekufunayo, ifuna into ezoyihlambulula.

106 IZwi, iZwi likaNkulunkulu liyiHluzo lendoda ecabangayo, futhi Lenza ukunambitha kwendoda elungileyo. Siyazi lokho kuliqiniso; lihluzela ngaphandle sonke isono sokungakholwa. Akusekho ukungakholwa nxa ufika wedlule eHluzweni, ngoba lingukunambitha kwekholwa leqiniso.

107 Ikholwa leqiniso lifuna ukuba kahle, kungakhathaleki. Alifuni nje ukuthi, "Yebo, ngingowezikhundla zokuhlalisana kwabantu. Ngiyasonta, ibandla elikhulu kunawo onke edolobheni." Angikhathali noma kuyimishini esekhoneni, uma kuyindawo yokuhlanganela phakathi kwemithi, ndawo ndawo, indoda ecabangayo iyazi ukuthi izohlangabezana noNkulunkulu. Futhi kungakhathaleki ukuthi ibandla lithini, kumbe omunye umuntu uthini, ifanele ize ngokuvumelana noNkulunkulu. Futhi ukuvumelana kukaNkulunkulu yiZwi likaNkulunkulu.

"Yebo," bathi, "'IZwi likaNkulunkulu.'"

Impela, bonke bakholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu, kodwa ungahluzeka ngaLo na? Uzomdedela kanjani owesifazane ophungule izinwele afike edlule Lapho na? Uzokwenza kanjani lokho na? Uzoyidedela kanjani indoda yedlule lapho ingeke yabambelela kulesisiFundiso na? Niyabo?

Akusikho ukunambitha kwendoda ecabangayo. Qhabo. Indoda ecabangayo izocabanga, indoda ecabangayo izocabanga kabili ngaphambi kokuba igxumele entweni enjengalokho.

108 Qaphelani, leloZwi lingeke Liziphike. Khona-ke liyeneliseka, kumbe liyisifiso. Liyisifiso sani na? Yini eyakwenza waLifisa, ekuqaleni na? Ngoba phansi emphefumulweni wakho lapho kwakukhona imbewu emiselwe ngaphambili

eyayingukuPhila okuPhakade, njalo ilele phakathi lapho, njalo ilapho phakathi. "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi. Akukho nayimuphi kubo ozolahleka."

109 Ukunambitha kwendoda ecabangayo, nxa indoda ecabangayo izwa iZwi likaNkulunkulu, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela," ngokuba phansi phakathi lapho ngukuPhila, futhi ukuPhila kuxhumana nokuPhila.

Isono sixhumana nesono, futhi isono sinokuzenzisa kakhulu size sicabange ukuthi sisindisiwe lapho singasindisiwe. Sikuzo impela izinjulo zokuzenzisa.

110 Amalunga ebandla afuna ihluzo lehlelo ukuze babenesifiso sabo uqobo bebe besalokhu bethathwa njengabantu "abakholwayo". Ubezwa bethi, "O, ukholwa impela."

111 EAfrika, ngangiphandle lapho ngelinye ilanga, futhi babekhuluma ngalaba, abanye babafanyana wayekhuluma ngalamaculo okuzinyikinya uElvis Presley nabanye ayewacula, uPet Boone nanoma yibaphi abanye, uRicky Nelson nabo bonke abanye. Ngathi, "Bayisigejane samambuka."

Enye intombazanyana yathi, "Ngani, ukholwa impela."

112 Ngathi, "Wayenjalo noJuda." Ngathi, "UJuda wathola kuphela izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu; uElvis Presley wathola izigidi eziningana zamadola." Niyabo? "Bobabili bathengisa ngobuzibulo babo." Niyabo? Ngathi, "Abayilu-. . . ukukweleta okubi kunakho konke isizwe esinakho." Nokho, kudukisa njengehluzo likasikilidi nje, lamahlelo adedela lawomalunga angene. Babengafanele ngisho ukuba . . . Kwakufanele kube nomthetho ukuthi bangawaculi amaculo okholo. Kuphambene . . . kwakufanele kube ngokuphambene nomthetho ukuba bakwenze.

Kodwa yonk'into isiphenduke yaba ngeyodwa enkulukazi inqwaba yokuzenzisa, futhi bahlala lapho-ke namhlanje. IHluzo leqiniso lomphefumulo, lithi, "Uma nithanda izwe kumbe izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kini."

113 Niyabo, ungeke—ungeke uthi ukuzinyikinya ngokwezwe . . . kumbe ngokukaNkulunkulu. Ukuzinyikinya kungokwezwe. Noma yimuphi waleyomidanso futhi ihluzeke . . . izinto ezicasulayo ezingcolileyo, njalo, kungokwezwe. Kungokwezwe konke.

Ungeke wathi izinwele eziphunguliwe zowesifazane ngokukaNkulunkulu. IBhayibheli lithi akusikho, ngakho kungukungcola kwezwe. Futhi uma uthanda ichashazi elilodwa lezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe. Niyabo?

114 Yini leyo na? Yebo, kudonswa yini na? Kuyinto ethize phansi kwingaphakathi idonsa. Umphefumulo udonsa ikhono lakho ngokwedlula kwingaphandle, kwedlulele phansi

emoyeni, kungene emphefumulweni. Futhi uma umphefumulo uthanda izwe, ufile. Angikhathali ukuthi ugcotshwe kanjani, kungaphandle *lapha*, futhi kulunge kanjani ngaphandle *lapha*; phansi phakathi *lapha* kungukufa. "Ngokuba othanda izwe kumbe izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuye," akundaba ukuthi ukholwa kangakanani.

115 IHluzo leqiniso, ngaleyondlela, li—liyobeka zonke lezozinto ngaphandle futhi lingalethi lutho kepha ubuqiniso bukaNkulunkulu, iZwi, lingene emphefumulweni weqiniso wangempela.

116 BanjengoIsawu, ngokwangaphandle bakahle. UIsawu wayekholwa ngaphandle. Futhi nxa sekufika enkolweni, kwabonakala sengathi kuyinkolo enkulu kunanjengoba wayenjalo uJakobe. Wayebonakala sengathi wayeyindoda engcono kunanjengoba wayenjalo uJakobe, kodwa ingaphakathi lakhe, ayeyikho. Ngaphandle wayekholwa, kodwa ukucabanga kwakhe kwakungahluziwe. Akacabanganga kahle ngobuzibulo. A—akazange acabange ukuthi uNkulunkulu, ubuzibulo babuchaza nje okungangalokho uNkulunkulu akusho ngabo. Nanguya, wathi, "Ngilambile, kwenza mehluko muni ngobuzibulo obudala, ungaba nabo uma ubufuna." O, he! Niyabo?

"Ngiyasonta; ngilunge njengawe nje. Ihlelo lami nje linje . . . Ngani, lingelinye lamakhulu kunawo onke emhlabeni. Umama wami wayesonta kulo. Ubaba wami wayesonta kulo. Konke *lokhu*, *lokho*, no*kunye*. Umfundisi wami wayefundile; uno*kuthi-nokuthi*." Lokho kumqhelisa kude kangako kuNkulunkulu. Lokho akusilo ihluzo lendoda ecabangayo.

Ukuba kwakuyoba yilo, wayeyokwazi kanjani uPetru ukuba aze abe yilokho ayeyikho, lapho wayengakwazi ngisho ukusayina igama lakhe uqobo na? Kodwa waphatha iHluzo lendoda ecabangayo. Qaphelani. O, he!

117 UEsawu wacabanga ukuthi lobobuzibulo babungachazi khona lokho uNkulunkulu athi babukuchaza. Lowo kwakungumehluko phakathi kokuPhila nokufa. Futhi kanjalo, njengoEva nanjengoJuda, bathengisa ngobuzibulo babo ngenxa yokweneliseka kokunambitha kolwazi lwempucuko. Wabuthengisela lokho impela-ke uEva ubuzibulo bakhe. Wabuthengisela ukunambitha okuncane kwesayense, ukunambitha okuncane kolwazi lwezwe, ibandla elingconywana, uhlobo lwabantu abangconywana, namhlanje bekungabizwa kanjalo. Niyabo?

NoJuda wathengisa ngobuzibulo bakhe ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, futhi wenza amadola ambalwa athe xaxa. "Inhlangano yami ingangikhokhela kangcono ngapha, futhi ngizovele nje ngishumayele ngapha." Niyabo? "Ngakho, uma ngiba ngumshumayeli, awu . . . "

118 Bathi, "Mfowethu Branham, siyakholwa ukuthi lowoMlayezo uliQiniso, kodwa asikwazi ukuWemukela. Uma sikwenzile, ngani, besingashumayela kuphi na?" Hhe! Izwe, mfowethu, leso yisifunda somfundisi. Impela. "Yebo, akekho kubazalwane ozongesekela." A—angibheke-bazalwane ukuba bangesekele. Ngibheke uJesu Kristu ukuba angesekele, ngoba Wama ngaLo. NguYe OwaLishoyo.

119 Futhi nxa ubuzibulo beqiniso, iGazi, buhluzwa bukhishwa yiZwi; naso sonke isono, nezwe, nebandla, namahlelo, nobuhlelo obubodwa benkolo, kushiywa ngaphandle. Imfundo, impucuko, ibandla, ihlelo, inqubo, isono sezinhlobo zonke sishiywa ngaphandle nxa indoda ecabangayo ithatha iHluzo lendoda ecabangayo, ngokubona kukaNkulunkulu.

120 Akusekho okusele kuso nxa indoda idonsa ukuphila kwayo—kwayo yedlule eHluzweni likaNkulunkulu; qaphelani, lapha ukuphila kwakho konke kwakubhixwe yisono, ngoba wa "zalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, wafika ezweni ukhuluma amanga."

Ngizosho okuthize, njengoba uMfowethu McCullough wayevamise ukusho. Ngilaleleni.

121 Nxa ufika kulelizwe, wazalelwa esonweni. Awufikanga ngisho nethuba lokulwa. Wa "zalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, wafika ezweni ukhuluma amanga," phakathi komoya wakho uqobo, isifiso sesono, umthandi wesono ngoba wazalelwa esonweni. Wawungenalo ithuba.

Kodwa phansi kwingaphakathi lakho, ndawo ndawo, nakhu ufika, kwakukhona okuthize phakathi lapho okuqala ukudonsa. Uma bewazi, kwakuyinto ethize eyakutshela ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ndawo ndawo; futhi walifunda iZwi laKhe. Wase uthatha ibandla, wathatha imiqondo yabo ngenkathi utshelwa okungcono, ngaleyonkathi awuzange usebenzise iHluzo lendoda ecabangayo. Kodwa ngenkathi usebenzisa iHluzo likaNkulunkulu, okuyiHluzo lendoda ecabangayo, ngoba, "Onke amanye amahluzo ayodlula, kodwa elaMi angeke." Futhi nxa uthatha iHluzo likaNkulunkulu bese udonsa impilo yakho, izifiso zakho; uma udonsa izifiso zakho; zedlule eHluzweni likaNkulunkulu, iHluzo lendoda ecabangayo, akusekho okusele kepha nguMoya oNgcwele.

122 Manje, uma ufuna ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele, nampo. Nxa lowomphefumulo wakho uyohambisana neZwi likaNkulunkulu, ngazo zonke izimo, kukhombisa ukuthi udonse ukuphila kwedlula eHluzweni lendoda ecabangayo, iHluzo likaNkulunkulu.

123 Qaphelani, ngabe lelo yiHluzo likaNkulunkulu na? Wathi, "Sagezwa ngamanzi eZwi."

Futhi ngenkathi uNkulunkulu enika uAdamu noEva iHluzo, eNsimini yaseEdeni, Wathi, "Ningadonseli nokukodwa

kwa*lokhu* phakathi lapho." Kodwa uSathane wabhoboza imbobo kuLo, wathi, "O, incanyana, ngeke kulimaze." Ithonsi elilodwa nje, eledlulayo, kwathatha lokho kuphela ukubeka ukufa esintwini.

124 Kuthatha lokho kuphela, ukunambitha okukodwa nje kwenjimbilili, sebephelile-ke njalo.

125 Akusekho lutho olusele kepha nguMoya oNgcwele.

126 Futhi-ke lokho kukhombisa ukuthi phakathi kuwe kwakukhona leyombewu eyamiselwa ngaphambili phansi kuwe, lokho kukwenza womele uNkulunkulu. "Konke uBaba aNgiphe khona, uNgiphe khona ukuba ngihlenge; bafa naMi eKalvari; bavuka naMi ekuvukeni; konke lokho Angiphe khona, kuyakuza kiMi. Bayobekwa eMzimbeni, lapho unyawo, ingalo, ikhala, umlomo, noma ngabe kuyini; bayobekwa phakathi Lapho. Futhi bayakuza kiMi ngezikhathi zabo." O, he!

127 Nakho lokho kuhlunga kwesono sonke sezwe, nothando lwezwe lufile, nalomphefumulo udonsa into eyodwa kuphela. Nansi, unga . . . Khumbulani! Ningakukhohlwa. Nonke eniphandle lapho kothelefoni, bekani lokhu phansi engqondweni yenu. Nxa indoda ecabangayo isiqala ukucabanga ukuthi Ubani ezoma phambi kwakhe, nokuthi iZwi likaNkulunkulu liyini; nxa isiqala ukucabanga, bese kuthi nxa iqala ukudonsa yedlule kuLokho, akukho lutho olungafinyelela kukho kepha uMoya oNgcwele.

Kuyini na? Yisibindi sohlamvu, iZwi eliyimbewu kusukela ekuqaleni, owawuyiyo kuNkulunkulu ekuqaleni, emi lapha edonsa yokuPhila imbewu. Imbewu isenhliziyweni yakho, ngokwazi phakade. Haleluya! Imbewu isivele iphakathi lapho, ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, wakumisela ngaphambili. Futhi nxa kudonsa, kungedonse kwedlule kwenye into kepha eZwini.

Futhi-ke kungukunambitha kwendoda ecabangayo, indoda elungileyo, indoda engcwele ebona iBhayibheli, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo naphakade. Yini engena kuleyondawo yehlele lapho na? LeloZwi, elisenhliziyweni. "Ngifihlile iZwi laKho enhliziyweni yami, ukuze ngingoni kuWe."

Kuyini, nxa kudonsa kwedlule eZwini na? Yinye kuphela into eyokwedlula eZwini; lowo nguMoya oNgcwele. Yileyonto kuphela engedlula eZwini, nguMoya oNgcwele. Futhi iHluzo lendoda ecabangayo linikeza indoda engcwele ukunambitha.

128 Khona-ke, inambithe izinto zaseZulwini; ineZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yayo. IyaLibona libonakaliswa phambi kwayo, futhi umphefumulo wayo wonke usongelwe kuLo, futhi izwe nazo zonke izinto kufile macala onke kuyo.

129 IHluzo lendoda ecabangayo, yenkolo; futhi ngicabanga ngenkolo ehluzayo manje. Nxa iHluzo lendoda ecabangayo

linikeza ukunambitha kwendoda engcwele, niyabo, Lenelisa ukunambitha kwayo. Iyabona ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Nakho. SiMbona phambi kwethu ngqo, enza izinto ezifanayo Azenzayo; kwenelisa ukunambitha kwendoda engcwele, ukucabanga kwayo.

130 Iyazi-ke ukuthi yedlulile ekufeni yangena ekuPhileni. Futhi iyathanda, futhi—futhi—futhi kuthanda ukuba izwe. . .ukuba kuqiniswe, futhi ifuna iZwi liqiniswe futhi liqinisekiswe. Onyakeni ngamunye iyaLilindela, ngokuba iyindoda engcwele futhi inesifiso sokubona uNkulunkulu. Amanye ifuna nje ukujoyina ibandla. Lendoda ifuna ukubona uNkulunkulu. AyiMboni esigejaneni sezivumokholo. AyiMboni kwezinhle ezinkulu izingubhu ezinemibhobho, kumbe izindlu zamasonto ezinkulu ezinesihlalo sombhishobhi, neziphambano eziphakeme, kumbe izifundiswa eziphucukile nokhololo bazo bebhekiswe emuva. AyiMboni esayenseni yezenkolo nakusiyazi wezenkolo. IMbona ekuqinisweni kweZwi laKhe.

> NgiYibonile emililweni yokuqapha yaLo.
> Amehlo ami abonile inkazimulo yokufika kweNkosi;
> Inyathela isivuno lapho umvini wolaka ubekelelwe khona;
> Ikhulule umbani omisiweyo nenkemba yaYo esheshayo esabekayo;
> IQiniso layo lilokhu limasha liya phambili. (Liyomasha, kuze kube sekupheleni. Yebo, mnumzane.)

131 Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini? IHluzo, indoda. . . Kumbe, iHluzo lendoda ecabangayo; indoda efuna ukuma eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kwakuyini iHluzo likaNkulunkulu na? IZwi laKhe. "Mhla udla kuwo, ngalowomuhla uyafa." Akukhathaleki ukuthi kwenzekani phandle lapha; ungaledluli leloZwi. "Wagezwa ngamanzi eZwi," iHluzo lendoda ecabangayo. Hhayi ihlelo, hhayi isivumokholo, hhayi ibandla, hhayi indlu yesonto enkulu enesihlalo sombhishobhi; kodwa iHluzo lendoda ecabangayo, ngokuba nizokwehlulelwa ngeZwi. Indoda ecabangayo izokucabanga lokho. Indoda eyisiwula, kumbe ukunambitha kwezwe, kuyovele nje kuthathe nomayini, isibambiso. Yini ubambise ekhona Owangempela na?

132 Cabanga, ake ukucabange umzuzu nje. Owesifazane ekhuluma ngezilimi, enezinwele eziphunguliwe nezindebe ezipendiwe, bese-ke ibandla lilokhu libambelela kukho, ukuthi lokho kungubufakazi bokuthi unoMoya oNgcwele.

133 Noma umshumayeli ovela ekholiji noma isikole esithize seBhayibheli, besebenzisa umbhaphathizo kaziqu-zintathu, noma bexegisa eZwini, baye esivumwenikholo esithize noma

ihlelo. Ngabe lelo yiHluzo lendoda ecabangayo na? Hhayi ngendlela engikubona ngayo, mfowethu. Yindoda eyisiwula idonsa yedlula kulokho. Kunjalo. Ungathini nje ngaleyonto? Esikhundleni sokusebenzisa iZwi likaNkulunkulu njengeHluzo lomphefumulo wayo; ivumela lesosivumokholo esidala nehlelo kunqwabelane phakathi phezu kwayo kanjalo, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu libe yiHluzo. Bese-ke yonakala yonke, futhi ibadedele bayivumise izimfundiso zomuntu, yenze izinto, "kucishe kudukise nabaKhethiweyo," futhi benganaki iZwi.

Kanti, ibingadonsela emphefumulweni wayo uqobo, uma kukhona okukhona phakathi lapho okungadonswa ngakho. Kodwa uma leyombewu emiselwe ngaphambili . . . Ningakugeji lokhu. Uma leyombewu emiselwe ngaphambili ingekho phakathi lapho, ayizukudonsa yedlule Lapho, ngoba izodonsela isifiso sayo.

134 Uma indoda ebhemayo ifuna ukunambitha kwendoda ebhemayo, futhi uma yayithole induku . . . Ngithi, "Ncela umunwe wakho," futhi ime lapho incele umunwe wayo. [UMfowethu Branham uncela umunwe wakhe, ukutshengisa—Umhl.]

135 Ngani, ibingathi, "Ubuthutha lobo." Ngani? Ukunambitha kwayo okwenjimbilili. Ngakho, ayisiyo indoda ecabangayo. Niyabo? Kodwa uthi, "Awu, angizwa, ngeke nginambithe lutho. Ngifuna ukunambitha izwe. Ngi—ngifuna ukunambitha ugwayi. Anginambithi into."

136 Inike uphini wezingubo uyincelise lokho. Niyabo? Impela, incelise lokho. Ithi, "Anginambithi lutho." Ukuncelelani-ke, pho? Unesifiso sokunambitha injimbilili.

Futhi nxa uncela isivumokholo sebandla, futhi nibe nisalokhu nina besifazane ninezinwele eziphunguliwe, ubuso obupendiwe, futhi egqoke okukhanukisayo; nawe ndoda ubabuke, nazo zonke lezi ezinye izinto, futhi niqhubeke ngendlela enenza ngayo. Kuyini na? Yini ephakathi lapho na? Izwe liselokhu liphakathi lapho, futhi unokunambitha. Ukudonsela ukunambitha.

137 "Ngingaya ku*leli*bandla; abayiphathi ngisho nangegama leyonto. Abasho lutho nga*lokhu*, lutho nga*lokho*. Akukho nayinye yalezizinto ephakanyiswayo. Umshumayeli wakithi unengqondo ebanzi kunalokho. Asizisho izinto ezinjalo." Kuyini na? Ninokunambitha kwezwe enikuncelelayo. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] Kunjalo!

138 Kodwa owesifazane ocabangayo angeke aluthatha lolohlobo lwento. Uyazi ukuthi ufanele abengcwele. Futhi into kuphela ongadonsa ngayo wedlulele eZwini likaNkulunkulu nguMoya, Amandla aphilisayo ukwenza iZwi qobo lwaLo, elikuwe, liphile ukuba libonakalise uJesu Kristu onyakeni ophila kuwo.

Haleluya! Mfowethu, uma lelo kungesilo iQiniso, angazi ukuthi iQiniso yini. Ngilahlekelwe yingqondo yami uma lelo kungesilo iQiniso.

139 YiZwi qobo lwaLo enhliziyweni yakho, emiselwe ngaphambili lapho, edonsayo. Futhi iphimisa lelozwe; ayilifuni. Kodwa nxa ifika ngapha eZwini, iqala ukudonsa. Futhi nxa idonsa yedlulele eZwini, kungebe lutho olunye kepha uMoya oNgcwele ukuphilisa leloZwi.

140 Bese-ke ecabangayo, iHluzo lendoda ekholwayo yiZwi, futhi lenelisa lokho kunambitha okungcwele okusenhliziyweni yayo; ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda engcwele. O, he, sikukuphi!

141 Esikhundleni sokusebenzisa iHluzo likaNkulunkulu lomphefumulo wayo, ivumela uSathane ayidukise ngehlelo elithize noma isivumokholo, khona impela njengezinkampani zikagwayi zikhohlisa nina bantu enibhema osikilidi. Nithola nje amaningi amalunga, futhi yilokho kuphela.

O, angivale emizuzwini embalwa, ngisho lokhu.

142 Lawodikeya eyimpumputhe! Singathola okungakanani ukuphuphutheka! Lawodikeya eyimpumputhe, ukuhola izimpumputhe zalonyaka, ngaphansi kwesiprofetho sokuzenzisa, ngaphansi kwezivumokholo zamanga, ngaphansi kwezifundiso ezingenakuphikiswa okungamanga, ngaphansi kwehlelo elingamanga, ngaphansi kwezincwadi zezivumokholo okungamanga. O, Lawodikeya eyimpumputhe, uhola izimpumputhe, nonke niqonde emgodini!

143 Shintsha ihluzo lakho kulobubusuku, mshumayeli. Ungadonseli leyonjimbilili yehlelo enqubweni yakho, yezifundiso ezingenakuphikiswa nezivumokholo, uJesu athi, "Oyokwengeza izwi elilodwa kuLo, noma asuse iZwi elilodwa kuLo." Nxa utshela inhlangano yakho ukuthi kulungile kubo abesifazane ukwenza *lokho*, nalawomadoda enze *lokho*, nazo zonke lezizinto, *lokho* no*kunye*; inqobo nje uma behlala ngokweqiniso ku*lokhu* futhi benze *lokho*, futhi bagcine lezizivumokholo nezinto, awunamahloni ngawe na?

"BaFarisi abayizimpumputhe," kwasho uJesu.

144 Futhi njengoba uJesu amemeza, "BaFarisi abayizimpumputhe," uMoya oNgcwele enhliziyweni yami uqobo kulobubusuku uyamemeza, "Lawodikeya eyimpumputhe! Ubethanda kangakanani uNkulunkulu ukukupha imvuselelo! Kepha manje isikhathi sakho sesifikile; sesedlule kakhulu isikhathi manje. Wahleka kakhulu futhi wahlekisa ngabantu uNkulunkulu abathumele kuwe! Kepha manje isikhathi sakho sesifikile. O, United States, United States, ubethanda kakhulu uNkulunkulu ukukufukamela njengesi—sikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha awuvumi." Manje leliPhimbo lihamba lisuka ogwini liya ogwini, lisuka enyakatho liya eningizimu,

nasempumalanga liye entshonalanga. Ubethanda kakhulu uNkulunkulu ukukufukamela, kepha awuvumi! Manje isikhathi sakho sesifikile.

145 Izizwe ziyahlakazeka. Izwe liqhekezeka phakathi. Amamayela angamakhulu ayishumi-nesihlanu esinqamu salo, amathathu-noma amamayela-angamakhulu-amane ububanzi, sizocwila, ikhulu . . . noma mhlawumbe amamayela angamashumi amane ezansi kungene kulokho-kugudluka okukhulu ngaleya, ngolunye lwalezizinsuku, namagagasi ayodubula aphume aqonde ezweni laseKentucky. Futhi nxa lenza, liyozamazamisa izwe kanzima ngangokuthi konke okuphezu kwalo kuyovuthuzeka phansi.

146 O, ngifihle eDwaleni leminyaka! Nkulunkulu, ngivumele, ngivumele. Phefumulela kimi, Nkosi. Moya kaNkulunkulu ophilayo, phefumulela kimi. Mangithathe iHluzo likaNkulunkulu futhi ngiphile ngaphansi kwaLokho, Nkosi. Mangiphefumule umoya omusha kaMoya oNgcwele ungene emaphashini ami, emphefumulweni wami usuku ngosuku, ukuba ngingaKoni, O Nkosi. Phefumulela kimi, Moya oNgcwele, phefumulela kimi! Ngi . . .

147 Mangitshale iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yami, futhi ngihlose lapho ukuthi angizukuphendukela esandleni sokudla noma esandleni sesinxele, ngisuke kuLo, kodwa ngizohlala ngeqiniso kuLo zonke izinsuku zokuphila kwami. Futhi, O Baba Nkulunkulu, khona-ke thuma wehlisele phezu kwami uMoya oNgcwele wokuPhila, ukuphilisa lawomaZwi kimi, ukuze ngibonakalise uJesu Kristu ngaphambi kwalabo abaphambi kwami, abafuna ukukubona kwenzeka. Lowo ngumthandazo wami.

148 O, he! Qaphelani ukuthi benza kanjani namhlanje kulawomabandla. Bencela abantu bebadlulisela kulawomahluzo amahlelo, bangene emkhandlwini wenkolo yobukristu. Ngani? Ngani? Ngokuba kubanika isifiso senhliziyo yabo, inhlangano. Banokunambitha kwenhlangano. Bazokwenza.

149 Ngasosonke isikhathi uNkulunkulu ebathumelela imvuselelo, futhi, bona, benzani na? Bayayihlela. Ngabe kunjalo na? Ngakho banohlobo lwabo lwehluzo, ngoba banokunambitha okukhulu. Futhi manje uNkulunkulu uzobanika isifiso sabo sokunambitha kwabo. Uzobanika . . . Bayabancela khona impela emkhandlwini wobukristu, bese-ke bethola ukunambitha kwenhlangano yabo ngaleyonkathi. Banakho kuyeza.

150 O, bandla laseLawodikeya, ungadukiswa kulonyaka, ngukukhohlisa kwabo. O, Pentekoste, wena osuhambe wayongena eLawodikeya, wena oyingxenye yeLawodikeya, elifile ibandla; ngeMethodisti, iBaptisti, nePresbyterian, nje isimo senkonzo eneminininingwane ehlotshisiwe. Kodwa

nina maPentecostal ebenisalokhu nike nithi kanye "ameni"; eningadonsa omningi umculo emsamo, futhi nibe nabesifazane abaphungule izinwele bedansa yonke indawo, futhi nibe nisalokhu nikholelwa ekuphulukiseni kobuNkulunkulu; ubethanda kangakanani uNkulunkulu ukunithatha, kodwa nathatha elinye ihluzo, ihluzo lehlelo. Ubethanda kangakanani uNkulunkulu ukunithatha!

151 Kwakudukisa ngempela! UMathewu 24:24, uJesu washo ukuthi i. . . "Kudukiswe nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Nisondele kangakanani, njengoEva nje, eshiya nje eyodwa noma ezimbili izinto ezincane ebeningeke nazemukela, ngoba nihleliwe futhi ngeke naLemukela. Kuthatha lokho kuphela. Nani ningahle nje nithathe yonke into, "Ngokuba ukukhubekisa kokuncane, kuyicala lakho konke." O!

152 Pentekoste, Pentekoste, yedlulisela ukucabanga kwakho eHluzweni likaNkulunkulu, kungabi amaphupho ehlelo lakho, futhi uyophuma nokunambitha kwendoda engcwele, umbhaphathizo weqiniso kaMoya oNgcwele.

153 Ubungathini nje indoda ivumela umkayo agunde izinwele zakhe, agqoke izikhindi, noma agqoke amabhulukwe efulanela, futhi ithi izofike yedlule eHluzweni lendoda ecabangayo na? Ubungathini nje indoda yenza into enjengaleyo na?

154 Ungathini nje umshumayeli emi epulpiti, ngoba ukhokhelwa kahle yinhlangano emmbambatha emhlane, imbize ngo, "Dokotela, Mfowethu, Mfundusi," futhi imthathe imkhiphele kuzozonke izinhlobo zamaphathi lapho bexubana khona ekubhukudeni, nakho konke okunye, emabhishi; ubungathini nje indoda ezisho ukuthi ifika yedlule eHluzweni lendoda ecabangayo na?

155 Futhi abanye balabo besifazane emsamo, nezingubo zabo zingenhla kwamadolo abo, futhi isikwe yampintsha kakhulu ibonisa sonke isimo, konke ukunyakaza abakwenzayo, nezingubo zabo zangaphansi zibonakala ngale ezingutsheni zabo; kubi njengokugqoka izikhindi nje, amabhikini, kumbe noma yini okunye. Wena Pentecostal, ophuphuthekile, bashumayeli baseLawodikeya, uyonibekezelela kuze kube nini uNkulunkulu, angazi. Yiba . . . UNkulunkulu abe nomusa enu—emehlweni enu aphuphuthekile. Unomuthi wokugcoba amehlo kulobubusuku, ukuvula amehlo enu, ukuze nibone.

156 Njengoba ngishilo kulokhukusa, sisonyakeni wokubona, isiqongo. Akusekho-zitho ezisebenzayo ngaphezu kwalokho, ongakunyakazisa ngokungaphandle, ukwazi. Wena, ukusukela ekhaleni lakho, ungahogela; ukusukela ezindebeni zakho, ungakhuluma; ukusukela ezandleni zakho, ungathinta futhi ufinyelele; nezinyawo zakho, njalonjalo; kodwa ungeke usaqhubekela phambili kunamehlo akho.

157 UMalaki 4 usefikile; ukubona! "Futhi kuyakuba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa." O, hambani ekuKhanyeni!

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukukhanya okuhle,
Okufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kungikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, iZwi, ukuKhanya kwezwe.

158 Yebo, mnumzane. Dlula kukho, o, mfowethu, futhi uyophuma unokunambitha kwendoda engcwele, noMoya oNgcwele.

159 O, sifazane, vele nje wedlule ekucabangeni kwakho kwesimanje kwengubo. Dlula ekucabangeni kwakho kwesimanje, ngaphambi kokuba uphumele emgwaqeni phambi kwesilisa; nina besifazane abasebasha, nina besifazane abadala, ngaphambi kokuba niphumele emgwaqeni nezingubo zenu zinimpitshe kakhulu, ufuqeleke ngemuva nangaphambili. Angisuye osolayo. Ngingumfowenu. Ngima phakathi kwabaphilayo nabafileyo, futhi qondani ukuthi ngithini. Ngaphambi kokuba ungene phandle, futhi wazi ukuthi umzimba wakho uyisimiselo esingcwele, noma olunesithunzi uhlobo olungcwele uNkulunkulu akuphe lona; ngaphambi kokuba ungene emgwaqeni, ugqoke kanjalo, dlulisa umqondo wakho wedlule eHluzweni lowesifazane ocabangayo. Futhi ukhumbuze, ukuthi, "Yilowo nalowo okubukayo akukhanuke, usuphingile naye." Kukhumbule lokho, dadewethu.

160 Futhi, mfowethu, ngaphambi kokuba uphendule ikhanda lakho umbuke, kulokho kujeqeza kwesibili, dlulisa umqondo wakho wedlule eHluzweni lendoda ecabangayo. Uyophuma unokunambitha kwendoda engcwele, niyabo, ngokwenza lokho okuyikho.

161 Qaphelani, uma wedlulisa umqondo wakho wedlule eHluzweni lowesifazane ocabangayo, uyophuma unengubo yowesifazane ongcwele. Kunjalo. Uyophuma, mfowethu, unokubuka kwendoda engcwele. Manje, lokho kuyinto eyodwa nje.

Konke okwenzayo, kwedlulise kwedlule eHluzweni leZwi likaNkulunkulu, ubone ukuthi kulungile yini noma akulungile.

162 Uyophuma unengubo yowesifazane ongcwele, nezinwele ezinde, ugqoke ngokuhloniphekile; othule, umoya othobile; kungabisikho ukuphakama nokuxokozela, nokulwa nokuqhubekela phambili. "Othule, umoya omnene, okuyigugu elikhulu elivela kuNkulunkulu." IBhayibheli lasho njalo.

Manje ngifuna ukunibuza okuthile, ngaphandle emazweni. Sizovala emizuzwini embalwa.

163 Manje masithi thina sonke, kulobubusuku, sihlole izifiso zethu, khona-ke ungabona ukuthi nhloboni yehluzo obudonsa wedlule kulo. Asihlole, ngamunye wethu, lapha nangaphandle esizweni sonke. Hlolani izifiso zenu, ukuthi ufunani ngempela empilweni. Hlola ukuthi ulwela ini. Hlola ukuthi uzokwenzani lapha. Hlola ukuthi uyela ukuyokwenzani esontweni. Yini ekwenza . . . Kuhle ukuya esonteni, kodwa ungayi nje esontweni kuphela; lokho ngeke kukusindise. Niyabo? Nje hlolani nje imizuzu embalwa, uthi, "Ngabe impokophelo yami . . . Nhlo—nhloboni yehluzo engidonsa ngedlule kuyo, empeleni na?"

Futhi uma ungenakubambisana neZwi likaNkulunkulu, nomphefumulo wakho ungakwenzi, khona-ke kukhona okuliphutha; ngokuba kuveza obala ukunambitha kwakho, ukuthi ukuphila . . . nhloboni yokuphila ekuwe. Uma kungcwele, kusile, kuhloniphekile, kuyophuma ngaleyondlela. Uma kungesikho, unokunye ukunambitha okukuwe odonsa kukho. Kunjalo impela.

Futhi uma ukunambitha kuyiZwi likaNkulunkulu nentando kaNkulunkulu, khona-ke uyazi ukuthi yini ekuwe, ukuthi yini edonsa ukunambitha. Kukhombisa ukuthi uyingxenye yaleloZwi. LeloZwi likuwe, lidonsa eZwini.

164 Kudonsani na? Kudonsa ngokwedlula eZwini, ngoba uyingxenye yoMzimba kaKristu walonyaka. Futhi uma leloZwi likuwe, Lingadonsa kuphela ngokwedlula eZwini, uMoya ophilisa leloZwi elikuwe. IZwi nje lodwa lingeke liphile. Yingalesosizathu, "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi; futhi nxa Ngiphakanyiswa, Ngiyakubadonsela kiMi bonke," niyabo. Niyabo, "uBaba," ingxenye yoMzimba kaKristu esezweni, emiselwe ngaphambili, kwafakwa enhliziyweni.

165 Noma yimuphi umuntu ongumKristu wangempela, ozelwe ngokusha namhlanje, uyazi, kusukela esengumfanyana omncane, kumbe intombazanyana, noma yikuphi, ukuthi kwakukhona into ethize kuwe eyayilambele uNkulunkulu. Futhi wazama ujoyina amabandla nakho konke okunye; akusebenzanga. Kwakuyini na? KwakuyileloZwi. Wawuzingela iHluzo. Futhi ngelinye ilanga Ledlula phambi kwakho; wambona uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Lokho kwenelisa ukunambitha. Niyabo?

Imbangela, ukuphila kwakukuwe, kudonsa. Niyabo, ukuphila kuwe kuyadonsa. Ku—kuyasho ukuthi sifiso sini onaso lapha. Uyadonsa. Ungeke wadonsa wedlule ku*lokhu*, na*lokho*, no*kunye*. Ufanele uthole leloHluzo elikahle, ngoba ungumuntu ocabangayo. Niyabo?

166 Uma ungumuntu ocabangayo, umiselwe ngaphambili, noma wahluzwa ngaphambili . . . kusukela ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

167 Futhi uma umfundisi wehlelo ezwa lokhu, ngethemba ukuthi uthatha iHluzo lendoda ecabangayo, uma engumfundisi olihlelo. Khona-ke uzolilahla phansi lelopaki lehlelo elizobhubha ngempela, ngoba yizwi lomuntu; futhi emukele iZwi likaNkulunkulu elihluziwe elingasoze lehluleka noma ledlule, futhi Liyokwenela ukunambitha kwendoda engcwele. Futhi, njengoJakobe, uzodela lonke izwe nokuhahela onke amahlelo noma udumo, olukhona ezweni, lapho ongaba ngumbhishobhi khona, isikhulu sesonto, noma ungaba yigosa lezwe, noma umfundisi webandla elithize elikhulu. Uyodela konke okukhona. Kungabi njengoIsawu, ukuba ube yingxenye yezwe; kodwa njengoJakobe, uyophana ngakho konke onakho ukuba uzuze ubuzibulo, iHluzo lendoda ecabangayo; ngoba Liyokunika ukunambitha kwendoda engcwele. Futhi Liyonelisa. Futhi liyokwenelisa, futhi lingcwelise ngokunambitha okuPhakade kobuhle obungcwele bukaNkulunkulu.

168 Khumbulani, uSathane wabhoboza imbobo yokuqala yedlulela emqondweni kaEva, noma ukucabanga kwakhe, ukuvumela ukunambitha kokuhlakanipha kwakhe nolwazi kungene.

169 Manje cabanga ngalokhu. Sengiyavala. USathane wabhoboza imbobo yokuqala yedlula, ngoba ayekudonsa kuphela kwakuyiZwi. Lowo kwakunguMoya wedlulela eZwini likaNkulunkulu, ngoba wathi, "Inqobo nje uma uphefumula ngokwedlula kuleliHluzo, awusoze ufe; kodwa wakhipha lokhu-kuphefumula *lapha*, uyofa." Niyabo?

170 NoSathane wathi, "Kodwa awazi lutho *lapha*. Kodwa wathatha lokhu ukunambitha okuncane kwalokhu *lapha*, uyobe sewazi-ke; uyoba njengoNkulunkulu. Niyabo, Yena wazi okubi nokuhle; wena awazi. Futhi uma nje uzothatha ukunambitha okuncane kwa*lokhu*." Futhi wamvumela wabhoboza imbobo kukho, imbotshana eyodwa nje.

171 Manje niyabona ukuthi yingani ngisho . . . Uthi, "Awufundisi ngani abesifazane, njalonjalo, ukuthi zemukelwa kanjani iziphiwo nezinto ezinjalo na?"

172 Ngathi, "Ungabafundisa kanjani ongwaqa lapho bengeke baze bakwazi ukufunda o ABC babo na?"

Kwathatha kuphela imbotshana eyodwa. Wathatha ukuhlakanipha kwezwe, futhi, ngenkathi kwenza, kwafaka ukufa emndenini wonke, ufuna ukunambitha ukuhlakanipha.

173 Manje buka ihluzo, futhi ngempela laveza ukunambitha kwakhe. Ukunambitha kwakhe kwakungokwezwe; yilokho akutholayo. Kuyilokho namhlanje. Bathanda izwe nezinto zezwe, nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika. Niyabo, uSathane uyobavumela bakhulume ngezilimi; uyobavumela bamemeze; uyobavumela

babenezinkonzo zokuphulukisa kukaNkulunkulu; uyobavumela benze zonke lezinhlobo zezinto.

174 Ithi, "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi, 'Nkosi, angikhiphanga yini amademoni, angenzanga yini izinto eziningi, ngenza *lokhu*?'" Iyothi, "Angizange ngize nginazi, wena menzi wokubi." Ngenkathi iZwi libekwa phambi kwenu ngqo futhi nabe nilokhu nincela lelohluzo elidala lezwe, niyabo, kukhombisa ukunambitha okwakusenhliziyweni.

175 Amajuba angeke asidle isibhucu. Angeke asidle. awananyongo. Igwababa lingadla imbewu njengejuba futhi lingadla isibhucu njengegwababa, niyabo, ngoba lingumzenzisi. Kodwa ijuba alakhiwe njenganoma yiyiphi enye inyoni, futhi yingakho uNkulunkulu waZifanekisa njengeJuba lehla livela eZulwini. Niyabo? Lingeke—lingeke likumele ukunuka kwesibhucu. Alisilo inqe; isizathu, alinanyongo. Lalingeke likwazi ukusigaya. Besingalibulala, uma lisidla.

Futhi ijuba aligezi neze. Umzimba wejuba ukhiphela amafutha ngaphandle evela ngaphakathi, aligcina lihlanzekile. Kungukuphila okusejubeni; kuveza kulo amafutha agcina izimpiko zihlanzekile. Futhi unjalo nomKristu; kukhona ukuPhila phakathi kwawo okuwagcina ehlanzekile. Kuhluzekile.

176 O, qaphelani! Manje mbukeni . . . ehluzweni, futhi ngempela ungakubona ukunambitha kukho, okokuthi benzani namhlanje.

177 Bukani lelibandla lesimanje. Bukani ihluzo lawo. Ungabona ukuthi athandani. Ubone ukuthi anani. Uthando, athandani na? UNkosazana Lawodikeya oqonde ekwaHluleleni kukaNkulunkulu. Kunjalo. Uthando, uthando lwebandla namhlanje ngolweLawodikeya, inhlangano enkulu, nokukhulu okumiswayo, enkulu, into ethandwa ngabantu, abantu abagqoke kahle, abaphucuke kakhulu, abagcwele inhlakanipho, abagcwele idemoni, phansi kwenkohliso yebandla likaKristu. Linye kuphela igama elifanele ukuba phakathi lapho, "umphiku-Kristu." Ngokuba, konke uKristu akufundisa, baphikisana nakho konke ngokwenza; kunjalo, kwenele nje ngakho bangazibiza ngalokho.

178 Manje uma ningabantu abacabangayo kulobubusuku, lapha naphandle ezweni lapho uMlayezo uya khona, isifiso senu sizoba ngukunambitha kweBhayibheli, kungabi ukunambitha kwehlelo, ngokuba niyokwehlulelwa ngalo impela iBhayibheli, iZwi enginicela ukuba nihluze imiphefumulo yenu yedlule khona. Futhi ukwenqaba iZwi elilodwa laLo, futhi ningavumeli umphefumulo wenu wedlule ngokwedlula kuleloZwi elilodwa, niyolahlwa. "Ngokuba akusinkwa sodwa, umuntu ayakuphila ngaso, aphefumule, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

179 Futhi kuyolethwa phakathi kini, enimiselwe ngaphambili. Futhi nxa iNkosi iniphefumulela, uMoya waYo uyophilisa leloZwi libe ngelangempela, futhi niyobona ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. O, he!

180 Shiya ihlelo lezwe, ipaki lenkolo. Liyekele phansi njengalelopaki likasikilidi ehlathini. Liyeke libole lidleke. Li—liyihluzo elibi. Futhi thatha iZwi, elinguKristu, eliphayo, nelifinyelelayo, futhi lilondoloze ukunambitha kokuPhila okuPhakade, kuwowonke ozokuthatha, ukuPhila okuPhakade.

181 IZwi, uma umiselwe ngaphambili, uyaLibona. Ayikho indlela yokuLifihlela wena. Ubuka lapho bese uthi, "Ngani, Lisobala kakhulu nje phambi kubuso bami! NgiyaLibuka; nanto. Ngibuka Lona ngqo. NgiyaLibona. Nanti, iZwi; lonke iZwi, nje iZwi ngeZwi, lihlala obala." Khona-ke nakho ukunambitha kokuPhila okuPhakade okufunayo.

Futhi nxa uphefumula wedlule kuLokho, yini engaphuma yedlule kuLokho, iHluzo likaNkulunkulu na? Akulutho kepha uMoya; akukho-zwe, nhlobo; akukho-kungakholwa, nhlobo. YiHluzo likaNkulunkulu. Futhi nxa uphefumula wedlule kulokho, akukho lutho olungangena ngokwedlula kulokho kodwa uMoya oNgcwele.

182 Manje unobufakazi bokuba noMoya oNgcwele, niyabo, indoda engcwele noma ukunambitha kowesifazane ongcwele. Bafuna ukuphila. BanokuPhila okuPhakade. Futhi ngoba leliZwi liyaphiliswa kubo, bayaphila; iHluzo lendoda ecabangayo, nokunambitha kwendoda engcwele.

183 Ungalithathi izwe, njengalezozinkampani zikasikilidi, phansi kokukhohlisa, kodwa thatha iHluzo langempela lendoda ecabangayo. Hluza ukuphefumula okuphefumulayo, ukudla okudlayo, konke oyikho; kuphefumule kwedlule eZwini likaNkulunkulu, futhi uzoba nokunambitha kwendoda engcwele. Ngokuba, Lizoveza lokho, ngokuba Unguye izolo, namuhla, naphakade.

184 Futhi ngiyazi, noma sinjalo noma asinjalo . . . Ngikholwa ukuthi sinjalo. Kodwa, uma singenjalo, ukhona osezweni namhlanje oyingxenye yoMzimba kaKristu; futhi Uyophila kuphela ngeZwi likaNkulunkulu, onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu alonyaka esiphila kuwo manje.

185 Futhi angiboni lapho ihlelo . . . LawomaZwi esobala kakhulu eBhayibhelini athi kwakuyokwenzeka, nezinto ezaziyobakhona, futhi nakhu siphila kukho ngqo manje. Angiboni lapho obekungaba ngenye into kepha lokhu.

186 Bandla, ngiyaqonda ngizofanele ngime nani ekwaHlulelweni ngolunye usuku. Makube kude nami ukuba ngike nginitshele okuliphutha, ngenxa yokuthandwa ngabantu. Angikufuni lokho. Uma benginesifiso sami, bengizothi, isifiso sami nje sobuntu, bengizothatha isibhamu sami ngiye ehlathini

ngizakhele indlwana yezingodo, ngicuphe, yonke impilo yami. Sengigugile, ngikhathele, ngidiniwe. Ngehlulekile, kodwa ngeke ngiyeke. Kukhona okukimi, okugayayo. Maye kimi uma ngingalikhulumi iQiniso neQiniso lonke. Maye kimi uma ngingami lapha ngize ngishiywe ukuphefumula komzimba kokugcina. Ngifanele ngime, kungakhathaleki ukuthi ubani omunye uthini. Nginesibopho phambi kukaNkulunkulu.

187 Futhi qiniso ngiyakholwa ukuthi izinto esizishumayelayo yiQiniso. Hhayi ngoba kuyimina engikushumayelayo. Qhabo, mfowethu. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami. Ngingathanda kabi ukuhlala qekelele ebandleni futhi ngilalele ukushumayela okugcotshiweyo. Bekuyoba lula kabi kimi, impela ngoba bengiyoba nokuPhila okuPhakade ngokufanayo nendoda esepulpiti. Ngiyingxenye yaKho ngokufanayo njengoba injalo. Bengiyoya eZulwini elifanayo, ngibe namalungelo afanayo. Bekuyoba lula kabi kimi ukuba ngihlale qekelele lapho futhi ngingawathathi onke lamaphuphusi, nokushaywa, nokuqhubeka. Bekuyoba lula kabi, kunokuba ngaphandle ubusuku bonke ngingalele, ihora nengxenye, kumbe amahora amabili; ngibambana ubusuku bonke nezinto equbukayo. Kulula kabi kimi ukwenza lokho, ngiqukule isibhamu sami ngokusa okulandelayo, udobo lwami, futhi ngihambe ngiyodoba noma ngizingele! Bekuyoba lula kabi! Kodwa, mfowethu, unkatho lwadla mina. Sengathi uNkulunkulu angangisiza ngingalokothi ngiyeke indawo yami yokugada, kodwa ukuba ngime ngethembeke futhi ngibe neqiniso, futhi nginivezele iHluzo lendoda ecabangayo elizoninika ukunambitha kwendoda engcwele.

188 IHluzo lendoda ecabangayo amanzi, lamanzi esahlukaniso. Kungukuhlanzwa esonweni, okuyiZwi likaNkulunkulu. Futhi indoda ecabangayo, indoda eyaziyo ukuthi izoma phambi kukaNkulunkulu, eyaziyo ukuthi izoziphendulela ngawo onke amaZwi eBhayibheli, Lizokwenelisa lokho kunambitha okusenhliziyweni yakho. Sengathi uNkulunkulu angasisiza ukuba silemukele, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

189 Nkulunkulu Othandekayo, elinye ihora noma amabili seledlule. Iwashi selijikelezile manje. UMlayezo manje ungena emlandwini, futhi Urekhodwa eNcwadini. Sonke sizoziphendulela manje ngalokhu, konke ukunyakaza esikwenzile, onke amazwi esiwashilo, yonke imicabango eyedlule emqondweni wethu, irekhode lisalokhu lidlala. Futhi liyoqhubeka lidlale kuze kuphele ukuphila, khona-ke siyoziphendulela ngoSuku lokwaHlulelwa.

190 O NKulunkulu, Mdali omkhulu wamazulu nomhlaba, esiMkholwayo, ngikhulekela lababantu balolusuku. Ngizikhulekela mina kanye nabo, ukuthi Nkosi uJesu, ukuthi Uzobamba iHluzo laKho. Futhi uma ngisho noma yini engcolisa okungcwele, Nkosi, mina . . . enhliziyweni yami angikwazi.

Ngikhulekela ukuthi uma kuliphutha kimi ukuba ngithathe iZwi laKho futhi ngisebenzise into enjengaleyo, Ungithethelele ngayo.

191 Kodwa, Nkosi, ngacabanga ukuthi ngenkathi Ukhuluma nami lapho emahlathini, Uyasazi isikhathi ekuseni, khona nje angikwazanga ukukususa emqondweni wami. Ngakwemukela kungokuvela kuWe. Ngakho, Baba Nkulunkulu, sengivele ngikukhulumile. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokuyeka kube ngendlela engicabange ukuthi kuyiyo, ukuthi indoda ecabangayo, indoda uma isenakho ukucabanga, izokwazi ukuthi izofanele ime eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ayizukufaka emphefumulweni wayo noma yini eyonakalisayo kumbe ephambene neZwi likaNkulunkulu.

192 Futhi, Baba, siyakuqonda lokho njengoba ngikuqhathanise nalezizinhlangano zanamuhla; kungesikho ukwehluka, Nkosi. Uzongehlulela, ngolunye usuku, kusukela enhliziyweni yami. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobona ukuthi bekungesikho ukwehluka, kodwa bekungukuba qotho, ukuzama ukuba qotho, ngiqonda ukuthi ngiphethe ukuthenga kweGazi laKho, ukusuka ogwini kuya ogwini, njengamanje, esandleni sami. Neningi labo liwukholiwe uMbiko.

193 Futhi, Nkulunkulu waseZulwini, sengathi kungebebikho noyedwa wabo olahlekayo. Ngiyababiza, bonke, futhi ngibambe phambi kwabo iHluzo ukusuka esonweni, aManzi esahlukaniso, iGazi likaJesu Kristu, iZwi elenziwa inyama. Siphe khona, Nkosi. Futhi sengathi uMoya oNgcwele ungathulula wedlulele kuzo zonke izethembiso, zingene emiphefumulweni yethu. Futhi sengathi singaba abaphilayo abamele uMlobokazi kaJesu Kristu, esikhathini samehlo, okubona ngokuKhanya kokuhlwa, ngokuba sikwethula kuWe eGameni likaJesu Kristu. Ameni.

194 NiyaMthanda na? [Ibandla, "Ameni."] NiyaLikholwa na? ["Ameni."—Umhl.] Mina, uma ngisho noma yini eliphutha, ngokuthi, "ihluzo lendoda ecabangayo," ngeke ngisasho lutho olunye. Anginamfundo. Ngisho nje lokho okufika kimi. Futhi ngenkathi ngikubona lokho kuphansi lapho, ngacabanga, "Indlela yokuzenzisa enje pho!"

Futhi Okuthize kwathi, "Njengebandla nje."

195 Ihluzo lendoda ecabangayo! O, he! Kunokungaphezu kwalokho kukho. Indoda ecabangayo ibingeke yakusebenzisa nhlobo. Niyabo? Impela ngeke. Futhi kufisa ukunambitha kwendoda ebhemayo, kunjalo, ngoba ifanele ibe nakho ukwenelisa ukunambitha kwayo. Kodwa indoda ecabangayo ngempela eyaziyo ukuthi umphefumulo wayo uzoya ekwaHlulelweni, izohluza ukunambitha kwayo kwedlule eZwini likaNkulunkulu. "Ngokuba konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Futhi uyophila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu, okungaManzi esahlukaniso,

lokho yi . . . sehlukanisa nesono. Ngokuba, nxa kufika kwedlule eZwini, siyabona ukuthi kuyisono ukungaLikholwa, ngakho nje siyaLikholwa bese sihamba siqhubeka. Kuyisahlukaniso esonweni. NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

Ng'yaMthanda, ng'yathanda . . .

Asivele siphakamisele izandla zethu manje kuYe.

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthin'eKalvari.

196 Wathini na? "Lokhu wonke umuntu uyokwazi ukuthi ningabafundi baMi, nxa nithanda, ninothando komumye nomunye." Manje masixhawulane sisalicula futhi, futhi sithi, "Ngiyakuthanda, nawe, mfowethu."

Ng'yaMthanda, ng' . . . (lokhu kungukunazisa lokho) . . .
. . . Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthin'eKalvari.

197 Manje, niyalithanda iHluzo lendoda ecabangayo na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Nxa nihamba emigwaqeni ukuba nigudlane ngezingalo nezwe kusasa, mfowethu, dadewethu, ngabe unalo iHluzo lendoda ecabangayo na? Nxa leyondoda ikubiza ngomginqiki ongcwele, ngabe uyalisebenzisa iHluzo lendoda ecabangayo na? Nxa lowomuntu-mumbe esho okuthize okubi ngawe, ngabe unalo iHluzo lendoda ecabangayo na? Niyabo, wenze okuhle ngokubi. Ukhulekele labo abakusebenzisa ngokwedelela, nalabo abakuhluphayo, khona uphefumula ngeHluzo lendoda ecabangayo.

198 Ngokuba uma nithanda labo nje abanithandayo, njengoba sixhawulanile, njengabathandekayo abanokuthandana eNkosini, lokho kuhle, kodwa ningabathanda futhi abangathandeki na? Lelo yiHluzo lendoda ecabangayo. Lowo nguMoya kaKristu kini, nithanda labo abanganithandiyo, khona-ke ninomvuzo kaNkulunkulu. Kodwa, manje, uma nikwenza njengemfanelo, anikabinayo nakalokhu indoda ecabangayo . . . Niphezulu kuphela esiyingini sesibili. Kodwa kungokusuka enhliziyweni yakho omthanda khona ngempela, khona-ke uphefumula ngokwedlula eHluzweni lendoda ecabangayo. Futhi Lenelisa ukunambitha kwendoda engcwele, ukuthi uyazi, ngokusuka enhliziyweni yakho uthethelela wonke umuntu, yonke into, akunandaba ukuthi kwenzekeni. Akamangalisi na?

. . . ngithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthin'eKalvari.

Sizohamb'ekuKhanyeni, KungukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamba kulokhu ukuKhanya, KungukuKhanya okuhle kangaka;
Futhi kufika lapho (ahluziwe) amathonsi omusa ekhanya khona;
O, kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Wozani, nonke nina bangcwele bokuKhanya, nimemezele,
UJesu, ukuKhanya kwezwe;
Khona izinsimbi zaseZulwini ziyokhala,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

O, sizohamb'ekuKhanyeni, KungukuKhanya okuhle kangaka;
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
O, kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu ukuKhanya kwezwe.

Niyakuthanda lokho na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

O, sizohamba kulokhu ukuKhanya, Kungukukhanya okuhle kangaka;
Futhi Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
NguJesu, ukuKhanya kwezwe.

Nje ngiyakuthanda lokho!

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe.
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,

Susa sonke isono sami . . . (Ngihluze, Nkosi, ngedlule eZwini.)
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Ake nikucabange nje, ngihluzwe ngedlule eZwini, "ngowaKho wonke."

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nosizi lwanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;

Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula ukwesaba kokudabuka,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

[UMfowethu Branham uqala ukumumuza u *UKholo Lwami Lubheka Phezulu KuWe*—Umhl.]

. . . kwinhliziyo yami equlekayo,
Ukushisekela kwami kuphefumulelwe;
O yala ubumnyama busuke namuhla,
Futhi sula izinyembezi zokudabuka,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

199 Nkulunkulu Othandekayo, siyathanda ukuKuculela, ngokuba kulapho siveza khona imizwa yethu, ukwenza kwethu, yonke inhlangano, njengoba Uphefumulela phezu kwethu iZwi lokuPhila. Sijabula kakhulu, Nkosi. Naleloculo, semukele, Uzokwenza, Nkosi na? Leso yisifiso sethu, singukuba sihluzwe sedlule eZwini likaNkulunkulu, sihambe usuku ngosuku ekuKhanyeni, ukuKhanya kweVangeli.

Futhi gcwalisa indlela yethu usuku ngosuku ngothando,
Sisahamba neJuba laseZulwini;
Masihambe sonke isikhathi, nehubo nokumamatheka,
Gcwalisa indlela yethu usuku ngosuku ngothando.

200 Siphe khona, Nkosi. Sibusise ndawonye manje. Makuthi umusa waKho nesihawu kube nathi. Phulukisa abagulayo nabakhathazekileyo ezweni lonke.

201 SiyaKubonga ngoMfowethu Coggins kulobubusuku, ukuthi Umdedele waphuma esibhedlela, ukuba aye ekhaya ephilile. SiyaKubonga ngazo zonke izinto Ozenzileyo, nangamandla ethu uqobo esiwezwa ephakeme manje.

202 SiyaKubonga ngoMlayezo osikayo kancane kulobubusuku, Nkosi. A—angiwenzanga kahle, kodwa ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzowenza ube kahle ekuboneni kwabantu, ukuze babone futhi bazi ukuthi ubuqondeni. Bathole inkazimulo kuwo, Nkosi, futhi sengathi singaba nalokhu ukuqonda, uma kungekho lutho olunye, ukuthi sifanele siphile ngeSinkwa seZwi likaNkulunkulu, esihluzwe sivela kuNkulunkulu sabantwana baKhe nje kuphela. Yinhlangano ehlukanisiwe. Akusiso esomunye umuntu. Esalabo kuphela, abakhethwa baKho, njengamanzi esahlukaniso esithole esibomvu

ayengawenhlangano yakwaIsrayeli kuphela. Ngakho, Baba, siyazi ukuthi iSinkwa singeseZimvu kuphela.

"Akukuhle ukuba Ngithathe isinkwa sabantwana ngisiphose ezinjeni," kwasho uJesu.

Nowesifazane, ekuphenduleni, wathi, "Yebo, Nkosi, yiqiniso lelo, kodwa ngiyavuma ukuthatha imvuthuluka."

Futhi sizizwa ngaleyondlela kulobubusuku, Nkosi. Sifuna konke lokho Ongasipha khona, Baba, ngokuba silambile futhi somele okuningi kwaKho.

203 Siphe ukuba ukulamba kwethu kugcwaliswe nezifiso zethu zaziswe, ngokuba, Baba, sifuna ukuba nesifiso somuntu olungileyo. Futhi uMuntu olungileyo kwakunguJesu Kristu, futhi isifiso saKhe sasingukwenza intando kaBaba, okwakuyiZwi. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni laKhe. Ameni.

Asime manje sisacula iculo lethu lokusikhipha, elithi, *Hamba neGama LikaJesu.*

204 Ngaphandle kudabule ezindaweni manje, phakathi lapho uMlayezo oye khona kulobubusku, sengathi uNkulunkulu angaba nani manje njengoba sesiphuma ngomkhuleko. Sengathi kungaba yilowo nalowo wenu, phandle lapho, ngiyethemba nikujabulele kakhulu ukulalela njengoba nginethulele Wona. Futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzoWubeka ezinhliziyweni zenu futhi aniphe incazo eyiyo kuWo.

205 Futhi nina bantu lapha kwizethameli onalamaduku ebekwe lapha, ngibeke izandla phezu kwawo. Ngikhulekela ukuba uNkulunkulu aniphulukise nonke, akuzukubakho-bantu abagulayo phakathi kwethu, niyabona ukuthi uNkulunkulu wethu uwuphendula kanjani umkhuleko.

206 Nxa sihlangana ndawonye, "Abantu obizwa ngeGama laMi beyozihlanganisa ndawonye futhi bakhuleke, khona Ngiyokuzwa ngiseZulwini." Wethembisa ukukwenza.

207 Ngakho, asehlukene. Nje singumuntu oyedwa; sonke simunye, kuKristu Jesu. Futhi yilowo akhulekele omunye; Ningikhulekele ngisanikhulekela. NoNkulunkulu anibusise size sinibone futhi.

208 Futhi ngethemba ukuthi nizoba ngabanjalo . . . nina enihlala lapha eduzane, nizoza eTabernakele futhi nivakashele lapha nomfundisi wethu olungileyo, uMfowethu Neville. Uzonenzela okuhle, uMfowethu Mann nabantu abahle abanabo lapha eTabernakele.

209 Uma nisondelene noMfowethu Junior Jackson noma abanye babo ezweni lonke, eNew York nezindawo ezehlukene lapho benemihlangano yabo, konke kwedlulele eArizona naseCalifornia, niwavakashele lawomabandla uma ningaphandle phakathi lapho. Sikhulekela ukuba nibuye futhi

futhi nivumele umfundisi anisize ukuba nazi kakhulu ngeNkosi uJesu.

210 UNkulunkulu anibusise manje sisacula u*Hamba neGama LikaJesu*.

> . . . neGama likaJesu,
> Mntwana osekuhluphekeni nosesitheni;
> Liyakukunikeza injabulo nentokozo,

[UMfowethu Branham ukhuluma nomunye emsamo—Umhl.]

> . . . uhamba.
>
> Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
> kangaka! (O limnandi kangaka!)
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

211 Ngibuka ngale enhlanganweni kulobubusuku, ngibona uMfowethu Estle Beeler emuva lapho, uMfowethu Palmer, nabaningi, uMfowethu J.T., nabaningi kakhulu babefundisi bemi macala onke lapha, angikwazi ukuwabiza onke amagama abo. Ngifisa sengathi bengingaba nani, nonke, phezulu lapha, futhi nonke nikhiphe inhlangano noma nenze okuthize. Niyaqonda, aninjalo na? Ngiyazi ninenhliziyo yomKristu futhi niyazi ukuthi sifanele uku. . . ukuthi si—ukuthi sinjani; sonke kanye kanye singuMuntu oyedwa, kuKristu Jesu.

212 Manje asikhumbule lelivesi elilandelayo lapho silicula, uMfowethu Martin lapha esazosikhipha ngomkhuleko. Futhi ngifuna uku. . . Lona nguMfowethu Earl Martin ovela, ngiyakholwa, ovela eArkansas noma—noma eMissouri. [UMfowethu Earl Martin uthi, "Missouri."—Umhl.] Missouri, khona impela phezu kwe Arkansas, ulayini waseMissouri lapho. Banebandla ezansi lapho.

213 Futhi ngiqaphelisise lona omunye umfowethu ovela ezansi lapho, angisalikhumbuli igama lakhe, Brewer. Ubelapha kulokhukusa. Ngiqagele usalokhu ekhona kulobubusuku. Yebo, ngiyambona emi ngapha, uMfowethu Brewer. Ngethembisa ukufika ngibusise amabandla abo, izikhathi eziningi kabi. Ngiyofika lapho ngelinye ilanga, ngokusizwa yiNkosi, njengoba ngingaphumelela.

Manje, sisacula lelivesi elilandelayo manje.

> NgeGama likaJesu siyakhothama,
> Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
> INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
> Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Asilicule manje.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

O, hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka; (lalelani manje)
O, uma izilingo zikuzungeza, (ufanele wenzeni na?)
Vele uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

O Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, (sabhaphathizelwa kuLo; sikhuleka kuLo), O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Mfowethu Martin. [UMfowethu Martin uyakhuleka-Umhl.]

